

AMAHEBERU,

ISAHLUKO SESITHUPHA ²



... ukutadisha iZwi laKhe eliligugu.

Ngiyangena, esikhashaneni esedlule, futhi bengiphethe amaBhayibheli amabili. Futhi benginengxoxiswano encane nenenekazi emuva lapha, futhi ngalitshela uma ngishumayele ngawo omabili, bengifanele ngibe nengqikithi enhle kakhulu. Kodwa lesi yisichasiso sesiGreki, ngakho into nje engifunna ukuyifunda kulesi, kulobubusuku. Ngu—ngu... Ngukuhunyushwa kwegama negama, kusukela esiGrekini sasekuqaleni, kuya esiNgisini. Futhi kube lusizo oluninginingi kimi ngasemgqeni. Futhi nje ngifuna ukufunda okuthize kuso, ngoba manje sitadisha kuleNcwadi yamaHeberu, futhi nje manje siza ezincazelweni ezijule ngempela.

219 Futhi ngitshela uMfowethu Neville, emizuzwini embalwa edlule, “Singena engxenyeni lapho abantu benwaya khona ikhanda labo futhi bathi, ‘Angikukholwa lokho.’” Niyabo? Yilolohlobo esingena kulo. Yilapho esikuthanda khona.

220 Omunye umfundisi wathi kimi, wathi, “Awu, ngiqagele kuzoba nokuninginingi ukwenwaya ikhanda.”

221 Ngathi, “Yilokho esifuna ukukwenza.” Niyabo?

222 IBhayibheli kuphela lingaba nencazelo eyodwa. Lingeke laba nezincazelo ezimbili. Futhi uma ingxenye eyodwa yeBhayibheli isho into eyodwa, nenye ingxenye yeBhayibheli isho enye into, khona-ke kukhona okungalungile. Niyabo? Lifanele lisho into, kuyo yonke indlela. Kodwa, khumbulani, ekutadisheni iBhayibheli, “Kufihliwe emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi wakwembula ezinganeni,” ngoba kungokweNcwadi kamoya.

223 Futhi ayisiyo incwadi yasentshonalanga. YiNcwadi yasempumalanga. Futhi yinye kuphela into engaYihumusha, futhi lowo nguMoya oNgcwele. Ngiyazi ukuthi ngamunye wethu ufuna ukusho, ukuthi, “UMoya oNgcwele usitshela ukuthi yini esiyikholwa kuYo.” Awu, manje, uma wonke umBhalo uhambisana ngokufana ngqo, khona-ke lowo nguMoya oNgcwele. Uma kungahambisani, futhi kunesikhala *lapha*, nesikhala *ngapha*, khona-ke kunento engalungile ngenkolelo yethu. Futhi, o, IyiNcwadi eyisimangaliso.

224 Manje, ngifuna nenze lokhu sisatadisha. Manje, sifanele sisuke kuse eli ekuseni siye eWyoming, iNkosi ithanda. Sikhulekeleni.

Naleliviki elizayo, uMfowethu Graham Snelling, lapha... Ukhona. Ngimzwile, emizuzwini embalwa nje edlule, enza isimemezelo sakhe. Nalelibandla lisekubambisaneni okugcwele nemvuselelo yakhe. Futhi siyakhuleka kuNkulunkulu, ukuba amnike edlulele, enkulu kakhulu, imvuselelo enkulu. UMfowethu Graham wabamba imvuselelo kaMfowethu... enhla lapha eCharlestown, uMfowethu Junior Cash, futhi kwakukhona ngqo kwabaphendukile abayikhulu, ngiyakholwa. [Omunye uthi, “Amashumi ayisishiyagalombili–nane.”—Umhl.] Abaphendukile abangamashumi ayisishiyagalombili–nane. Ngakho, kulokho, sinika uNkulunkulu udumo. Futhi sithemba ukuthi kuzoba namakhulu amahlanu namashumi ayisishiyagalombili–nane enhla lapha, kulendawo lapha.

²²⁵ UMfowethu Graham uhlangane nami namhlanje, wayesethi, “Manje, Mfowethu Bill, nginesiqiniseko ukuthi uyaqonda ukuthi angikho lapha ukuqalisa omunye umsebenzi ekuphikisaneni kwitabernakele, ngoba ngiyingxenye yetabernakele.” Ulapha nje ukuzo... Uyezwa phezu kwenhliziyo yakhe ukuthi ufuna ukubamba imvuselelo, futhi iNkosi imholela ekutheni akwenze. Futhi—futhi umema abaphendukile, futhi unebandla, ukubathululela phansi ngqo, “Nanti ikhaya eliyibandla, uma ningena, nithole ukuphenduka.”

²²⁶ Futhi kungumsebenzi wethu esiwumiselweyo, njengamaKristu, ukumesekela ngayo yonke into esingenza ngayo. NeNkosi imbusise uMfowethu Graham. Futhi niya, nonke, nimenywa ngenhliziyo emhlophe emhlanganweni kaMfowethu Graham enhla lapha, ngemvume egcwele evela kulelibandla, nobambiswano olugcwele ukumsiza nganoma yiyiphi indlela esingenza ngayo, ngemphefumulo elahlekile nangoMbuso kaNkulunkulu.

²²⁷ INkosi ikubusise, Mfowethu Graham, ikunike imihlangano emikhulu. Akazi ukuthi uzovala nini. Usanda kuqala nje. Futhi ngakho, uMfowethu Graham ubenakho njengami, okuningi *ukuphumelela nokungaphumeleli*. Yileyo ndlela impilo ehamba ngayo. Kukwenza ukuthokozele *ukuphumelela* emva kokuba sewedlule *ekungaphumelelini*. Uma indoda iwa ithi qimu futhi ilale lapho, iyigwala. Nginethemba uma indoda iyovuka iphinde izame futhi. Kunjalo. Ngqiqinisekile ukuthi ningakuhumusha engikuqondile. Manje, ningawukhohlwa, leliviki elizayo.

²²⁸ Manje, kuleNcwadi yamaHeberu, asizukusithatha isendlalelo kulobubusuku.

²²⁹ Manje, ngeSonto elizayo, iNkosi ithanda, uMfowethu Neville uzomemezela. UMfowethu Cox lapha, noma abanye babo, bazomazisa, uma singena ngesikhathi somhlangano wangeSonto elizayo. Uzowumemezela emsakazweni. Futhi si... Nonke lalalani umsakazo wakhe manje, futhi—futhi—futhi nimeme bonke omakhelwane benu ukuba balalele.

Impela ngithola ukujabula ekulaleleni ekushumayeleni kwabo nokucula, osicula ngabane bakaNeville. Angikusho lokho ngoba ehlezi lapha. Uma ngisho lokho, futhi ngingakushongo ngempela enhliziyweni yami, bengiyoba ngumzencisi. Kunjalo. Ngiyodingeka ngiphenduke. Kodwa ngikusho ngempela. Futhi ngiqoka ukumnika umqumbe omncane wembali manje kunaso sonke isixha sezimbali emva kokuba engasekho.

²³⁰ Ngesinye isikhathi ngangiphuma ngomnyango lapho, futhi kwakukhona inenekazi elifikayo, lase lithi, “Mfowethu Branham, o, ngiwujabulele kanjani lowomlayezo!”

²³¹ Ngathi, “Ngiyabonga.” Kwangenza ngazizwa ngikahle.

²³² Omunye uyafika, wathi, “Mfowethu Branham, ngiyawujabulela lowoMlayezo.”

²³³ Ngathi, “Ngiyabonga.”

²³⁴ Kwakukhona umshumayeli omncane lapho, wasenhla lapha engxenyeni yasenyakatho yezwe, esifundazweni, wathi, “Akabusiwe uNkulunkulu, angifuni ukuba abantu baqhoshe ngami kanjalo.”

²³⁵ Ngathi, “Ngiyakwenza.” Ngase ngithi, “Kunomehluko owodwa nje phakathi kwami nawe. Ngithembekile ngakho.” Kunjalo. Sonke siyathanda ukuzwa amazwi amahle eshiwo ngathi. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi kumnandi ukusho amazwi amahle ngakho. Futhi uma ufuna umuntu asho amazwi amnandi ngawe, shono amanye amazwi amahle ngomunye umuntu. Yileyo ndlela yokwenza lokho, khona—ke njalo uyosho izinto ezinhle kunazo zonke ongazisho ngawo wonke umuntu. Nalokho kwenza isondo liphenduke kangcono.

²³⁶ Manje, kulokhu, ngeSonto elizayo, iNkosi ithanda, ngowami umbono, sinawo, nje siya ngokujula kakhulu ngokujula kakhulu kulezizimfihlakalo ezinkulu zikaNkulunkulu. Singena kuMelkisedeki: ukuthi WayenguBani, ukuthi Uvelaphi, ukuthi Wayaphi, ukuthi kwenzekani kuYe, nakho konke ngoMelkisedeki.

²³⁷ Futhi manje, ngobusuku bangoLwesithathu olwedlule, uMfowethu Neville ushaye esahlukweni sokuqeda sobuNkulunkulu obukhulu nobupristi beNkosi yethu uJesu, okuqala ekuqaleni, “UNkulunkulu, esekhulumile endulo kobaba ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, ekugcineni kwalomuhla ukhulume kithina ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu.”

²³⁸ Uyaqhubeka—ke, futhi uqala ukubatshela nokufanekisa ukuthi Wayengubani, kuMehlisela njalo esahlukweni 5, ekugcineni kwesahluko 5.

²³⁹ Bese kuqala esahlukweni 6, sithole lokhu esifundweni sethu kulokhu ukusa.

Ngakho-ke masidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, siqhubekele kokupheleleyo; . . .

240 Bangaki abawujabuleleyo umlayezo ngokuphelela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Siqhubekele kokupheleleyo.” Lowo bekunguMlayezo wethu, kulokhu ukusa, esahlukweni 6 samaHeberu.

241 Manje singena nje endaweni kuya lapho esiqala khona ukuthola i-ingxenye yangempela. O, sonke singavumelana phezu kwalezizinto: phezu kobuNkulunkulu bukaKristu; naYe eyiNdodana kaNkulunkulu; nokuthi Wayekanjani noNkulunkulu, noNkulunkulu wayenaYe; futhi WayekuNkulunkulu, noNkulunkulu ekuYe, kanjalonjalo. Sonke siyavumelana phezu kwalokho. Kodwa, manje, kusukela lapha kuqhubeke, angazi ukuthi sizovumelana kanjani. Ngakho noma ngabe kuyini, bonke ubusuku obumbalwa, sizoninika ithuba futhi ningibhalele inothi elincane bese ningitshela ukuthi nicabangani ngaKho.

242 Khona-ke ngizodingeka ngiphendule imibuzo. Futhi uma ngingenakuyithola, ngizothi, “Mfowethu Neville, ucabangani ngalokho na?” Ngizothi, “Nango. Makawuphendule.” [UMfowethu Neville uthi, “Kulapho ngiyofunda khona isiGrecki.”—Umhl.] Manje-ke kulapho Ezofunda khona isichasiso, akhiphe isiGrecki. Ngicabanga ukuthi kuyisikhathi sami sokwenza, futhi.

243 Kodwa, manje, uma sizokwehla futhi sibe gotho ngempela, futhi ngempela sizele inhloso eyodwa, lokho ngukuthi, ukufunda. Ngifuna ukufunda, nami. NeBhayibheli lilotshiwe, lathi, “Yi . . . ImiBhalo awuchasiselwa ngumuntu ngokwakhe.” Lokho kusho ukuthi umBhalo ufanele uhumushe umBhalo. Niyabo? UmBhalo ngamunye ufanele uhumushe omunye, yonke indlela eBhayibhelini, ukuwenza into eyodwa enkulu. Ngoba, uNkulunkulu angeguquke, ngoba UnguNkulunkulu ongaguqukiyo.

244 Manje, “Sidlule . . .”

Ngakho-ke masidlule esifundisweni ngoKristu, siqhubekele kokupheleleyo, . . .

245 Ngiyamthanda uPawulu esho lezozinto. UPawulu wayengakaze abe ngumuntu owayethanda ukuhlala isikhathi eside kakhulu endaweni eyodwa. Wayethanda ukuqhubeke, ngokujule kakhulu. Ngesinye isikhathi, emBhalweni, wathi, “Mina, ngikhohlwa yilezozinto ezingasemuva, ngijonge emgomeni wokubizwa okukhulu.” Niyabo? Uyilokhu ejongile.

246 Lapha wathi:

Manje sikhohlwa *esifundisweni ngoKristu*, (ukuthi wayengubani, ukuthi wayeyini), *sidlulele kokupheleleyo; . . .*

²⁴⁷ Manje thina, kuqala, besifuna ukuthola, “Besingaphelele na?” Futhi sathola, emiBhalweni kulokhu ukusa, uMathewu 5:28, ukuthi uJesu wathi sa “sifanele siphelele nje njengoba uNkulunkulu wayephelele,” kungenjalo besingengene.

²⁴⁸ Manje-ke sithole ukuthi sa, sonke, “zalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, sifika ezweni sikhuluma amanga.” Futhi kwakungekho neyodwa into ezwakalayo ngathi, ngakho sasingake siphelele kanjani na?

²⁴⁹ Manje nakhu esikutholayo manje-ke, ngale, sifunda, sithatha umbhalo nomBhalo, ukuthi, “UJesu, ngamhlatshelel muniye, uphelelise, njalonjalo, iBanda laKhe.” U... Siphelele-ke, ngoKristu. Futhi sikhululekile ekwahlulelweni, ngoKristu. Asisoze safa, ngoKristu. Silahlekelwe ukufa futhi sathola ukuPhila, ngoKristu; hhayi nganoma yiliphi ibandla, hhayi nganoma yiliphi ihlelo, hhayi nganoma yikuphi okufekethisiweyo, hhayi ngokukhuluma ngezilimi, hhayi ngokumemeza, hhayi ngokuqhaqhaqazela, hhayi ngokusina eMoyeni, kodwa ngomusa.

²⁵⁰ UNkulunkulu ubiza lowo Athanda ukumbiza. Futhi konke kungokhetho, siyathola. Siyathola, ukuthi, “Akuyi ngalowo ofuna ukusindiswa. Akuyi ngokuthanda komuntu noma ogijimayo; nguNkulunkulu ohawukelayo.” “Futhi akukho-muntu ongeza kuJesu uma uNkulunkulu engamdonsi, kuqala.” Ngakho uzokwenzani ngakho, empeleni na? Awunalutho lokwenza ngalo. Awukho-ndawo, ngakho konke.

²⁵¹ Sithole ukuthi akusuye neze umuntu ofuna uNkulunkulu. NguNkulunkulu efuna umuntu. Futhi sithole ukuthi, manje-ke, ukuthi uNkulunkulu yiwona mthombo kuphela wokuPhila okuPhakade. Sithole ukuthi yonke into ePhakade ayinakuqala noma ayinakuphela. Ngakho, sithola ukuthi isihogo sasinokuqala, futhi sinokuphela. Futhi kukhona kuphela...Akekho ongabe aze asho lokho...Isihogo sikuze kube-phakade, kuze kube-phakade, yebo, kuze kube-phakade, kodwa hhayi Phakade.

²⁵² U *kuze kube-phakade* uyi “banga lesikhathi.” IBhayibheli lithi, “Kuze kube-phakade naphakade.” Futhi libheke bese uthola ukuthi u *kuze kube-phakade* akasho lona yini “ibanga lesikhathi.” UJona wathi wayesesiswini somkhomo “kuze kube-phakade.” Neminingi eminye imiBhalo, *kuze kube-phakade* kuphela kusho “ibanga lesikhathi.”

²⁵³ Kodwa, okuPhakade, lokho ngukuze kube-phakade, lokho ngu kuze kube-phakade naphakade naphakade naphakade naphakade. NgokuPhakade. Futhi sithola ukuthi isihogo asikho Phakade, kodwa kuze kube-phakade. Nesizathu, udingeka uwaqaphele lawomagama, manje. Uma ungawaqapheli, uyaxoveka. Manje, khumbulani, lezozinto nje ezazingenakho ukuqala, ayinakuphela. Ngakho-ke, uJesu wathi, “Ozwa

amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila,” kuze kube-phakade na? Ngabe lokho kuzwakala kahle na? Qhabo. “UnokuPhila okuPhakade.” Negama *Phakade* ngu “Nkulunkulu.” Igama, nanti khona lapha esichasisweni sesiGreki, Zoe ukuPhila kukaNkulunkulu phakathi kuwe. Futhi wena uPhakade njengoba nje uNkulunkulu ePhakade, ngoba unNkulunkulu phakathi kuwe.

²⁵⁴ Imvelo yakho endala yafa, imvelo yezwe, bese uba ngokudaliweyo okusha. Nezifo zakho, lokho kuphila okudala obekunokuqala ngenkathi uNkulunkulu ephfumulela umoya emakheleni akho, ngenkathi uzalwa, lokho kuphila kwemvelo yenyama kwafa. Futhi kwakunokuqala futhi kwakunokuphela, futhi kwafa futhi kwaqedwa kuze kube-phakade, imvelo endala. NoNkulunkulu wangena neMvelo entsha. Manje-ke, uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ububele, ukuthula, ukukhuthazela, nobumnene, nomusa, okungenile; futhi sekuthathe indawo yenhliziyo embi, nolaka, nenzondo, no—no nomhawu, umbango, nazo zonke lezozinto. Kwathatha indawo yakho, ngenkathi wedlula ekufeni wangena ekuPhileni. Niyakuthola, ngokusondela ngempela, manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁵⁵ Ngakho, lalalani. Sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade. Kuthole. Lokho ngukuthi, uNkulunkulu yedwa unokuPhila okuPhakade. IBhayibheli lasho njalo. UNkulunkulu yedwa unokuPhila okuPhakade. Futhi uma umuntu ezohlupheka esihogweni, kuze kube-phakade, uzofanele abe noNkulunkulu, oPhakade. Kodwa ngisho lokho lapho.

²⁵⁶ Manje, khumbulani, angisho ukuthi asikho isihogo esivuthayo. Sikhona isihogo esivuthayo, umlilo nesibabule. “Lapho i—impethu i...umlilo awucimeki nempethu ayifi neze,” somlilo nesibabule, isijeziso. Singathatha iminyaka eyizigidigidikazi eziyikhulu. Kodwa sizodingeka sibe nokuphela, ngokuba isihogo sadalelwa uDeveli nezingelosi zakhe. Futhi yonke into yokuthi yena impela uNkulunkulu, qobo lwaKhe, owayekhona ekuqaleni, yonke into isukela kuNkulunkulu. Ngenkathi lowomoya impela . . .

²⁵⁷ Thatha uMoya wothando nje, lowo kwakungumthombo omkhulu kaNkulunkulu, ocwengekile, omsulwa. Ukusuka kulokho kungena uthando *oluphendukezelwe*. Bese-ke lungena othandweni *lomuntu*. Bese-ke lungena othandweni *locansi*. Bese-ke lungena kwezinye izintando, izintando nezintando, futhi nje lulokhu luphambanisa lwehle luze lube *ukungcola* nje. Kodwa zonke lezozinto zazinokuqala. Futhi ngolunye usuku luyophetha ngokubuyela khona ngqo kolwasekuqaleni; luPhakade; lapho inkanuko, uthando lomuntu, uthando lwesihe, zonke lezozintando ziyodingeka zikhawuke.

258 Zonke lezizinkolelo zokuzenzisa zokuKholwa ziyodingeka zikhawuke. Kunye ukuKholwa kweqiniso. Konke okunye kuyodingeka kukhawuke. Kwakungokuphambukiswe kususelwa kulomthombo wangempela.

259 Ngakho, ngakho-ke, isihogo, ukuhlupheka, ukuhlupheka akukho Phakade. Ukuhlupheka kwa lethwa ngenxa yesono, nesono saveza ukuhlupheka. Futhi uma isono sesiphelile, ukuhlupheka kuyodingeka kuphele, nakho. Futhi kuyobakhona isikhathi lapho izoni, esingazange simamukele uKristu, emva kokuba sebejeziswe mhlawumbe iminyaka eyizigidigidikazi eziyikhulu, . . . Angazi, mhlawumbe unyaka oyizigidigidikazi eziyizigidi eziyikhulu. Ngeke ngasho. Kodwa kuyodingeka kufike ekugcineni, ngesinye isikhathi, ngoba akukho Phakade.

260 Manje, sizojonga phambili manje, ngasekupheleleni. Manje lalalani, njengoba singena eMlayezweni.

. . . singabuyi sibeke isisekelo sokuphenduka emisebenzini efileyo, nokukholwa nguNkululnkulu,

Nesifundiso semibhaphathizo, . . . kubeka izandla, . . . kuvuka kwabafileyo, nokukwahlulelwa okuphakade.

261 Manje lalalani. Sinokubili. Sinesithombe lapha, manje. Manje khona lapha yilapho esizothola khona ukungavumelani okukhulu okuthize. Manje nifanele nibone ukuthi isithombe sikuphi. UPawulu uzama, lapha, ukwehlukana *umthetho emseni*. Sinezithombe ezimbili: esisodwa, esenyama; esisodwa, esokomoya. NoPawulu uzama u-ukwehlukana okubili, ukukhombisa amaJuda. Lencwadi ikumaHeberu. Nawo onke amaHeberu uzama ukukhombisa iphethini yeTestamente eLidala lifanekisa eLisha. Ngakho, ninezithombe ezimbili lapha phansi kokunakwa.

262 Manje lalalisani njengoba sifunda. Manje wathi:

. . . sidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, siqhubekele kokupheleleyo; . . .

263 Manje, sikutholile lokho kulokhu ukusa, ukuthi sipeleliswe kanjani. Sipelelisiwe, singenabala nasici uqobo, kungekho nesisodwa isono phezu kwethu. Ngabe ningaphezu kokulingwa na? Neze. Niyona nsuku zonke na? Yebo, mnumzane. Kepha, nokho, sipelelisiwe ngoba sikuYe. Futhi uNkulunkulu wayengeke esahlulela kunalutho (sasingeke salunga), Usevele usehlulele kuYe. Ngenkathi Ehlulela uKristu: Wehlulela mina, Wehlulela wena. Futhi Akakwazi ukungehlulela futhi, ngoba Wathatha ukwahlulelwa kwami uma ngihlengiwe.

264 Futhi ngingethikithi ukukhombisa ukuthi ngilihlengiwe iwashi lami esitolo esibambisa ngempahla, umuntu ake azame ukulibuyisela esitolo esibambisa ngempahla kanye, uma ngingethikithi. Ngilihlengiwe.

Futhi uma uDeveli engazama ukubeka isizeziso kimi, ngingethikithi elikhombisa ukuthi ngihlengiwe. Yebo, mnumzane. Akusekho ukwahlulelwa! “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasoze eza ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Lelo yithikithi lami. Wanikeza isithembiso.

265 Manje, manje isithombe, lapha.

...singabuyi sibeke izisekelo sokuphenduka emisebenzini efileyo, nokukholwa nguNkulunkulu,

...sifundisweni...ngombhaphathizo,...kubeka izandla,...kuvuka kwabafileyo,...kwahlulelwa okuphakade.

266 Manje, khumbulani, niyaliqaphela lelogama lisetshenziswa futhi na? Silisebenzisile kulokhu ukusa, “Ukwahlulelwa okuphakade.” Nxa uNkulunkulu eke wakhuluma, KuPhakade. Ngeke kwaguqulwa, nakanci. Ngakho, ukwahlulelwa kuPhakade, Kuhlala njalo kungukwahlulelwa. Futhi akunandaba ukuthi siphila kusiphi isizukulwane, isizukulwane esisodwa siyophila, futhi oyedwa...bonke bayophila, futhi kungokuze kube-phakade, okwanoma yisiphi isikhathi, *nalokhu nalokho*. Kodwa ukwahlulelwa kukaNkulunkulu kusalokhu kuPhakade, Ufanele, ngoba Wakhuluma iZwi. Nxa uNkulunkulu ekhuluma iZwi, Lizofanele libe Phakade. Kunjalo.

267 Manje ake nginifundele lokho esiGrekini. Lalelani ukuthi kufundeka kanjani.

Ngakho—ke masidlule—dlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, Owaba nokubuyisana, sifanele sifuqe—fuqe ngase... .

Manje, angikwazi ukukufunda. Kuyafikiza. “Futhi singabeki futhi isimo... .” Nakhu lapho esikhona.

...singabuyi sibeke isimo zenguquko emisebenzini ebangela ukufa.

268 Manje, isichasiso asisikho uqobo ukuhunyushwa, nhlobo. Yigama lesiGreci nje lalokho okushiwo yisiNgisi. Futhi kwathi, “Manje asifuni... .” Lalelani lapha, niyabo.

...singabuyi sibeke phansi izisekelo zenguquko emisebenzini ebangela ukufa.

269 Manje uma nizothola lokho emqondweni wenu, ukuthi uyakhuluma lapha, ukuthi, “Izimo zenguquko ibangela ukufa.” UPawulu wathi, “Sidlule eziqalweni, siye ekupheleleni, singabuyi sibeke izisekelo sokuphenduka emisebenzini efileyo nokukholwa nguNkulunkulu: izimfundiso zombhaphathizo, ukubeka isandla, ukuvuka kwabafileyo, ukwahlulelwa okuPhakade. Izimo zezinguquko zibangela

ukufa,” kwakungamagama afanele. Yilokho empeleni uPawulu akubhalayo. Niyabona ukuthi uzama ukukwenzani na?

270 Manje, zonke lezizinto, njengemibhaphathizo: omunye ubhaphathizwa aqethuke, omunye phambili, omunye egameni likaYise, iNdodana noMoya oNgcwele, omunye igama likaJesu, omunye *ngalendlela*, nanga *leyondlela*, nazo zonke lezizinto ezincane ezehlukene zemibhaphathizo.

271 Nokubeka izandla: “Akabusiswe uNkulunkulu, nginesiphiwo sokubeka izandla. Haleluya! Wena, ungaKuthola *ngalendlela*. Haleluya!”

272 Sibeka konke lokho eceleni, ngoba lokho yimisebenzi efileyo, lezizinguquko, ziguquka. Niyabo? Ukhuluma ngelinye iklasi. Manje wathi, “Asidede kulokho, futhi siqhubekele kokupheleleyo.” NiyaKuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

273 Nebandla lialokhu lilibala emuva yilezizinto. Yilokho ababezama ukukwenza. Ibandla lamaHeberu lasekuqaleni lalizama ukuthi, “Awu, ngabhaphathizwa ngokucwiliswa, futhi—futhi ngathola *lokhu*, *nalokhu*, nazo zonke lezizinto.”

274 Wathi, “Manje, bekani konke lokho eceleni, nikushiya ngemuva.” Kodwa, manje, ngabe wathi asifanele yini sikwenze na? Manje lalalani ukuthi wathini ngalokho.

Siyakukwenza lokhu, . . . uNkulunkulu evuma.

275 Nelokuqala lasho into efanayo.

Siyakukwenza lokhu, uma uNkulunkulu esivumela, niyabo.

Siyakukwenza lokhu, uma uNkulunkulu esivumela.

276 Imibhaphathizo, ukubeka izandla, nezinto, kodwa lokho akuphelele. Lokho kuphela ngukuguquka kwenyama. Futhi yilapho amabandla eshiya khona, namhlanje, kukulokho kuguquka kwenyama. Omunye wabo wathi, “O, awu, amanzi, igama elithi *umbhaphathizo* lisho *lokhu* futhi lisho *lokho*.”

277 Base bemisa izinhlango: eyodwa iyafafaza, nenye iyathela, enye ibhaphathiza ubuso bubheke phambili, nenye uqethukile, nazo zonke lezizinto; ezinye zazo ukubeka izandla kwabagulayo, nezinye zenza abaphostoli, nezinye zenza abaprofethi kanjalonjalo, ngokubeka izandla; nokushumayela ukuvuka kwabafuleyo, futhi okungukuthi konke kulungile; nobuNkulunkulu bukaKristu obukhulu, konke lokho kulungile. “Kodwa,” wathi, “zonke lezi ziyizinguquko eziyizo ngegama nje. Kade siguquka nje. Manje asidlulele kokupheleleyo.” Niyasithola isithombe na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

278 Manje bhakisisani. Nakhu lapho kufika khona ingxenye ejulile manje.

Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, banambitha isiphiwo sasezulwini, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,

Banambitha izwi elihle likaNkulunkulu, . . . amandla ezwe elizayo,

Uma behlubuka, akunakwenzeka ukuba babuye bavuswe; lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu kabusha, futhi bayithela ngehlazo obala.

279 Manje, ngiyazi nina enigcina umthetho ngokweqile ukuthi unani engqondweni yakho khona manje, kodwa ninephutha. Niyabo? Kulungile. Ngima kulokhu, neBhayibheli liyakuqinisa, ukuthi, “Uma uNkulunkulu ake asindisa umuntu, usindiselwe isikhathi nePhakade.” Ungeke waLenza lisho enye into.

280 Omunye oqavile uza kimi, kungekudala, wayesethi, “Ngikutholile kokukodwa, Mshumayeli Branham. Ngikutholile kokukodwa. Wena wathi, ‘Uma umuntu wayesindisiwe, wayengeke aze alahleke?’”

281 Ngathi, “Yilokho okwashiwo nguNkulunkulu.”

282 Wathi, “Ngifuna ukukubuza okuthile. USawulu wayengumprofethi, futhi waprofetha. Futhi niyazi wayengocotshwe nguNkulunkulu. IBhayibheli lathi wayegcotshiwe. Futhi wazibulala, futhi walahlwa.”

283 Ngathi, “Wayenjalo?” Ngathi, “IBhayibheli limemezela ukuthi wa ‘yesindisiwe.’ Emva kokuba yisitha kuNkulunkulu, wayesalokhu esindisiwe. IBhayibheli lathi wayesindisiwe. Futhi, empeleni, akazibulalanga. UmFilisti wambulala, noDavide wabulala umFilisti ngokumbulala. Wawela enkembeni yakhe, umkhonto wakhe, inkemba, kodwa, wakwenza. Ayimbulalanga. NomFilisti wambulala. Kwase kuthi-ke ngenkathi uSawulu ehlela kumlumbikazi, futhi wabiza umoya kaSamuweli, ngoba wayengangenanga eNkazimulweni, wayeseparadisi phansi kwegazi lezinkunzi nezimbuzi elalingenakusisusa isono. Kodwa wayedingeka abe nendawo yokulinda, ebizwa ngeparadisi, waze wangena phakathi.”

284 Yilapho-ke nina bantu abangamaKatolika enaxoveka khona. Niyabo? Manje, alisekho iparadisi manje. Siqonda ngqo siyongena eBukhoneni bukaNkulunkulu.

285 Futhi ngenkathi umlumbikazi wase-Endori ebizela phezulu umoya kaSamuweli, nango wama lapho. Owesifazane wayesewa ngobuso bakhe, wayesethi, “Ungikhohliseleni na?”

286 Futhi akusikho kuphela ukuthi uSawulu wayemi lapho . . . Ngiqonde uSamuweli, egqoke izingubo zakhe zomprofethi, wayesalokhu engumprofethi. Wathi, “Ungibizeleni ekuphumuleni kwami,” wathi, “lokhu usuba yisitha kuNkulunkulu?”

287 Wathi, “Awu, iUrimi ingeke isakhuluma kimi. Umprofethi angeke esaprofetha kimi. Kanjalo ngeke ngisaba nalo ngisho nephupho.”

288 “Awu,” uSamuweli wathi, “usuphenduke isitha kuNkulunkulu. Kodwa kusasa impi ihamba ngenye indlela, futhi uzofa kusasa. Futhi ngalesisikhathi, kusasa ebusuku, uzoba nami.” Uma uSawulu wayelahlekile, wayenjalo noSamuweli, babendawonye bobabili. Impela. IBhayibheli lasho njalo.

289 Manje, ungasetshenzwa konke ngedlingozi, ngokukhuluma ngezilimi, ukumemeza, ukudlikiza, ukuqhaq hazela, ukwehla wenyuka ngesikhala sezihlalo. Akukho okumelene nalokho. Kodwa ungasenza ukuba ukholwe ukuthi usindisiwe ube ungenjalo, awusindisiwe. Impilo yakho izokufakazisa oyikho. UJesu wathi kuyoba ngukuthi, “Niyakubazi ngezithelo zabo.” Impilo yakho iyokufazisa ukuthi ngabe usindisiwe noma qha, uma ungasawuvuli neze umlomo wakho. Uyokufakazisa oyikho.

290 Kodwa konke lokhu ukusetshenzwa nedlingozi nokujoyina ibandla, “Futhi ngibhaphathizwe eGameni likaJesu, haleluya, ngiyazi nginaWo,” lokho akusho lutho.

291 “Ngibhaphathiziwe, igama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, ubuso bubheke phambili, kathathu. NginaWo.” Lokho akusho lutho.

292 UPawulu wathi, “Asidlulele kokupheleleyo manje.” Sikhuluma ngokuphelelisiwe. Futhi uma uzokwehlisa lokhu, uzothola, abaphelelisiwe ngabaKhethiweyo. Ngizokufakazisa kini, emizuzwini embalwa, ngeBhayibheli. NgabaKhethiweyo labo uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ubabone bonke. Wayesethuma uJesu ukuhlenga labobantu, hhayi umhlaba wonke. Wayefuna, kodwa Wadingeka enze indlela yalabo. Nendlela kuphela Ayengayenza, kwakungukuthuma uKristu; ukuze Eze, inhlawulo yezono zethu, ukuthi labo abakhethiweyo, Wayengabaletsa kuYe, eNkazimulweni.

293 Ungathini nje uNkulunkulu ephatha iofisi laKhe ngokuxega okungaka pho, njengokuthi, “Awu, mhlawumbe omunye umuntu uzocabanga ngokudabuka ngempela ngaMi, mhlawumbe bazofika futhi bathole ukusindiswa”? UNkulunkulu akadingi ukukugqogqa ukuba ungenzi lutho. Noma yikuphi ukugqogqa, ufanele wenze ukugqogqa, hhayi uNkulunkulu.

294 Bese kuthi-ke, uKristu wafa ukusindisa labo uNkulunkulu, ngokwaziphambili, abakhethayo ukuba bahlangane naYe ngaleya bengenabala noma umbimbi. Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Ukubonile wena eNkazimulweni. Yilokho iBhayibheli elakushoyo, kwabase-Efesu, isahluko 1. Isahluko 5, ivesi 1. UNkulunkulu wamisela ngaphambili ngokwaziphambili.

295 Manje, uma uNkulunkulu enza lokho, wasimisela ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe; futhi wasazi sonke ngegama, ngaphambi kokusekelwa kwezwe; futhi

WasiKhethela ekuPhileni okuPhakade; wayesethuma uJesu Kristu ukuba asihlenge; lokho, iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha eyedlule, Wasibona, ukuze sibonakale ezindumisweni zaKhe eNkazimulweni! Ubungake uze ulahleke kanjani na?

²⁹⁶ Manje, uma usindisiwe, usindisiwe. Uma uNkulunkulu ekusindisa kulobubusuku, azi ukuthi Uzolahlekelwa nguwe eminyakeni eyishumi kusukela namuhla, Wehlula inhloso yaKhe uQobo; ongenasiphelo, uSomandla, okuPhakade, ukuhlakanipha okungunaphakade, uNkulunkulu, akazi-ke ngokwenele ukwazi ukuthi wena ngabe uyobambelela noma ngabe ungeke. Ngakho-ke, uma Ekusindisa, wena uthi, “Awu, ngizoMzama. Ngizobona ukuthi yini Ayenzayo,” khona-ke Akakwazi ukuphela kusukela ekuqaleni. UNkulunkulu uyakwazi Akwenzayo, ungakhathazeki neze ngalokho. Nguwena nami esihamba sikhubeka. UNkulunkulu uyakwazi Akwenzayo. Futhi Wayazi si... noma ngabe sasiyobambelela, noma ukuthi sasiyokwenzani.

²⁹⁷ Manje, iBhayibheli lakusho lokho, uEsawu noJakobe, ngaphambi kokuba umntwana nomntwana azalwe, uNkulunkulu wathi, “Ngithanda oyedwa, futhi ngizonda omunye,” bengakaphefumuli ngisho umoya wabo wokuqala, ukuze ukhetho lwaKhe lume luqinisile.

²⁹⁸ Wayengubani uAbrahama na? Sizofika kuye emizuzwini embalwa, phansi lapha. Wayengubani, ukuba uNkulunkulu ambize na? Umsindisa ngaphandle kwanoma yini. UNkulunkulu wenza isivumelwano nomuntu; umuntu uyasephula isivumelwano sakhe. Kodwa uNkulunkulu wenza lesisiVumelwano naYe uqobo, futhi wafunga kuso, kuYe uqobo. Umuntu akahlangene ngalutho naso. Kungukwazi phambili kukaNkulunkulu uqobo. Ukwenzile, noma kanjani.

²⁹⁹ Manje, wena uthi, “Awu, Mfowethu Branham, manje-ke uma ngiba ngumKristu, ngingenza nje noma yini engiyifunayo?” Uqobo. Uma ungumKristu, yenza noma yini oyifunayo. Ngizogaranta, ungeke ube nasifiso sokwenza okungalungile. Wenza noma yini. Bengihlala njalo ngenza nje lokho ebengikufuna. Futhi uma ngikhonza iNkosi ngoba ngesaba ukuthi ngiya esihogweni, angiYikhonzi kahle. Uma ngihlala ngokwethembeka kumkami ngoba ngesaba ukuthi uzokwehlukanisa nami, angisuye umyeni omuhle kakhulu. Kodwa bengingemlimaze ngalutho, ngokuba ngiyamthanda.

³⁰⁰ Kukanjalo-ke ngoKristu, uma umuntu ezalwa nguMoya kaNkulunkulu. Hhayi ngoba ememezile, wakhuluma ngezilimi, noma elinye idlingozi; kodwa enhliziyweni yakhe, uthando lungena futhi lwathatha indawo yezwe. Ngiyakutshela, uyaMthanda. Uhamba ngaYe, nsuku zonke. Awudingi ukumtshela ukuthi, “Akulungile ukwenza lokhu, noma *lokho*,

noma *okunye*.” Uyazi ukuthi akulungile. Futhi, uyahamba, ungumkhqiqizo omiselwe umusa omkhulu kaNkulunkulu. Impela.

Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, . . .benziwa abahlanganyeli . . .bobizo lwasezulwini . . .

Manje, mhlampe sikholiwe ukuthi lowo kwakungumuntu owake wakhanyiswa wayesewa futhi, kodwa iBhayibheli alikufundi ngaleyondlela. “Akunakwenzeka uqobo ukuba umuntu,” uyasho lapha, “omukele uMoya oNgcwele, ukuba ake aze awe.” Manje kufunde bese uthola ukuthi lokho akunjalo yini. Bhekisisani lapha, thathani indikimba, yonke indikimba, nokuqokethwe, ingqikithi, njalo.

³⁰¹ Manje Uqala ukukhuluma ngokuthi, kuyini na? “Asiqhubekele kokupheleleyo.” Manje, wathi, “Hhayi okwenyama, ukubeka isisekelo lapha sezifundiso nombhaphathizo nezinguquko, nokunjalo. Asingakwenzi lokho. Asiqhubekele kokupheleleyo.” Indaba ingukuphelela, nokuphelela kuvela ngoKristu. Futhi sangena kanjani kuKristu na? Ngokujoyina ibandla na? “NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Mzimba munye.” Hhayi ngo: lulodwa, ulimi olukhulunywe kuwo; okukodwa, ukuxhawulana kuwo; okukodwa, okubhaphathizwe ngamanzi kuwo. “Kodwa ngaMoya munye thina sibhaphathiswa sibe Mzimba munye.” Niyakuthola na? Lokho ngukuphelela.

³⁰² Futhi uma ungena kuLowo, ukuKristu, nezwe lifile kuwe. Futhi uhamba neWundlu usuku nosuku, nezinyathelo zakho ziqiniswa nguNkulunkulu, ukuthi yenzani. O, izivivinyo nokuhlolwa esedlula kukho! Wena uthi, “Unokuhlolwa na?” Yebo, mnumzane. Yini e . . .

³⁰³ Umusa yilokho uNkulunkulu angenzela khona, imisebenzi yilokho engikwenzela uNkulunkulu. Manje, bayokwenza imfundiso ngakho, bacabanga ukuthi imisebenzi yilokho okuzuza ukubongwa kwakho uma kuyikho, akusiso isiphiwo sesihle. Umusa yilokho uNkulunkulu akwenzela khona, “Nisindiswa ngomusa.” Nemisebenzi yilokho okwenza ngokuthokozela umusa Akukhombisa wona. Futhi uma uMthanda, uyathanda ukwenza imisebenzi yeNkosi. Impela, ngoba, manje-ke, u—uyaMthanda.

³⁰⁴ Ngivuma uMeda Broy, njengomkami, kwaba yilokho akwenzelwa wuthando. Akwenzayo, ekuthokozeleni: ungowesifazane omuhle, uhlala ekhaya, unakekela abantwana, futhi uphila impilo enhle eqinisileyo. Lokho akusikho ngoba singashadile; sishadile. Kodwa uyakwenza lokho ngokuthokozela. Uma egijima nezansi nedolobha, nsuku zonke, futhi angene kuzo zonke izitolo ezithengisa izinto zosheleni, futhi phansi-na—phezulu nemigwaqo, futhi engazange azigeze

izitsha, kumbe noma yini enye, sisalokhu sishadile. Uqobo. Ngenkathi ngithatha isifungo sami, lokho kuyakuxazulula. Ungumkami. Inqobo nje uma kusekhona ukuphila kithi, ungumkami. Leso yisifungo sakhe. Kodwa kuthokozela kuni akwenzayo ngalokho: uhlala ekhaya, futhi unakekela abantwana, futhi uzama ukuba yinkosikazi yangempela.

³⁰⁵ Bengingagijimela phandle futhi ngingabibikho ngaso sonke isikhathi, nje ngithilileka ezweni, futhi ngimyeke abulawe yindlala uhhafu, kumbe noma yini, ngiyeke abantwana bahambe bengenalutho abangaludla; sisalokhu sishadile. Ngisho noma engifaka isahlukaniso, ngisalokhu ngishadile, inqobo nje uma kusenokuphila emzimbeni wami. Ngasithatha lesosifungo. “Size sehlukaniswe ukufa.” Kunjalo. Sisalokhu sishadile. Kodwa, nokho, ngenza izaba ezihlulekayo zokuba ngumyeni. Ubengenza izaba ezehlulekayo njengenkosikazi. Ngakho uma sithandana, sinamathelana ndawonye bese sidonsa umthwalo, kanyekanye.

³⁰⁶ Yileyondlela uNkulunkulu neBandla laKhe ayiyo, uma uzalwa eMbusweni kaNkulunkulu. Uyoba nayo *impumelelo* yakho *nokungaphumeleli*, qiniso, kodwa uselokhu ungumKristu, usalokhu uzalwa nguMoya kaNkulunkulu. UNkulunkulu angahle akuthathe emhlabeni ngaphambi kwesikhathi.

*Akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa,
banambitha . . . isiphiwo sasezulwini, . . .*

*. . . baze bawa, ukuba babuye bazivuse
baphenduke; . . .*

³⁰⁷ Manje, ngiyazi lapho enicabanga ngakho, ibandla. Ake ngithi ukunithathela owodwa ngokuqine kakhudlwana nje, ukuze u—uhlangothi olugcina umthetho ngokweqile lukwazi ngempela ukuthula. Asiwelele kumaHeberu, isahluko 10, futhi sibuke kulokhu nje kancanyana.

³⁰⁸ Isahluko 10, ivesi 26.

*Ngokuba uma sona ngamabomu emva kokuba
sesamukele ukwazi kweqiniso akusekho umnikelo
ngesono,*

*Kepha kuphela ukulindela okwesabekayo
ukwahlulelwa nolaka olushisayo oluzakuqeda
iphikankani.*

*Odelele umthetho kaMose uyakufa engahawukelwa
ngezwi lowofakazi ababili noma bebatthathu.*

*Pho nithi ufanele ukushaywa kakhulu kangakanani
kunalokho, nakuba efanele . . . nakuba ofanele, . . .
onyathele i . . . onyathele phansi iNdodana
kaNkulunkulu, wadelela igazi lesivumelwano,
angcweliswa ngalo, ethi into engcwele, futhi
wahlambalaza i misebenzi womusa na?*

309 Manje wena uthi, “Uthini ngalokho, Mfowethu Branham na? Lokho kubukeka kanjani na?”

Manje, ukufunda nje, ngiyacabanga, “UmBhalo awukusho *lokho*.” Lokho akusikho ukukhuluma ngomKristu. Lokho ukukhuluma ngomuntu ozwe iZwi futhi wadede kuLo. Niyabo?

ngokuba uma sona.. (Yini isono na? Ukungakholwa.)..uma singakholwa ngamabomu emva kokuba ivangeli selishunyayeliwe kithi, akusekho umnikelo ngesono,

310 Yini isono na? Ukungakholwa. Fundani uJohane oNgcwele, isahluko 4. UJesu wathi, “Ongakholwa uselahliwe vele.” Isono asisikho ukubhema, ukuphuza, ukuphinga. Wenza lokho ngoba ungongakholwayo. Leyo yimiphumela nje. Wenza lokho ngoba ungongakholwayo. Ukuyeka ukubhema nje, ukuyeka ukuphuza, nokunye kanjalo, lokho akusho ukuthi u—ungomKristu. Lokho nje yimiphumela yokuphenduka kwakho. Kodwa, unga, ungenza okunye ngapha noma ngapha, futhi noma kunjalo ungabinjalo.

311 Manje qaphelani.

...ongakholwa ngamabomu emva kokuba e...

312 Aku—akusikho ukuthi, “Emva kokube esemukele uKristu enhliziyweni yakhe.” IBhayibheli alikusho lokho. Lathi, “O...”

...uma sona ngamabomu, singakholwa ngamabomu, emva kokuba sesamukele ukwazi kweqiniso,...

Niyakuthola na? Wayengakhulumi kumKristu, nhlobo.

313 Omunye wesifazane ufika kimi, kungekudala, wayesethi, “Mfowethu Branham, ngingumKristu, kodwa ngihlambalaze uMoya oNgcwele.”

314 Ngathi, “Akunakwenzeka.” UmKristu ubengemhlambalaze uMoya oNgcwele. Ungeke wakwenza. Umoya womKristu ufakaza noMoya kaKristu. Niyabo? Futhi nizokhumbula, yonke into kaNkulunkulu, “IngekaNkulunkulu.”

315 Kodwa uma unomqondo wenyama, uyohlekisa futhi uhlekise ngoMoya oNgcwele; angikhathali ukuthi uya kangakanani esontweni, usalokhu uyisoni, futhi uhlambalaza uMoya oNgcwele. Ngenkathi bebone uJesu eyibona ngokufihlakele imicabango yabo, bathi Wayengu “mbhuli.”

316 UJesu wathi, “Ni...Ngizonithethelela ngalokho, kodwa nxa uMoya oNgcwele esefika, nikhuluma izwi elimelene naYe, anisoze nathethelelwa khona.”

Ngoba, bathi, “Unomoya ongcolileyo,” nibiza uMoya kaNkulunkulu ngokuthi, “yinto engcolile.”

UmKristu angeke akwenza lokho. UmKristu uyohlala njalo ebiza uMoya kaNkulunkulu ngokuthi, “Ngukulunga.” Niyabo? UmKristu angewuhlambalaze uMoya oNgcwele. Ngongaphandle ohlambalazayo.

317 Lowo kwakungesiwo amaKristu emi lapho. Kwakungabantu bezenkolo, kwakungamaJuda omthetho, odokotela bezobunkulunkulu, kanjalonjalo, futhi babehlekisa ngaYe nemisebenzi yaKhe, bebiza imisebenzi kaNkulunkulu ngalokho, ukuthi, “Kwakungumoya ongcolile ukwenza.”

318 Futhi bangaki enicabanga ukuthi namhlanje bahlambalaza uMoya oNgcwele, one D.D.D., iPhD. egameni labo na? Bangaki abakhulu, iBandla lomthetho elil’khuni, amaKatolika, amaProtestane, abahamba ngomgwaqo futhi behlekisa ngokusebenza kukaMoya oNgcwele, njengezifundiswa nje ezinkulu eziphucukile, futhi ezisuleke njengenkinobho na? Kunjalo. Kodwa bahlekisa ngoMoya oNgcwele, futhi ngakho-ke bayaWuhlambalaza.

Kodwa umKristu ozelwe ngokusha angekwenze lokho. Uyothi, “Lowo ngumfowethu. Lowo nguMoya kaNkulunkulu ophilayo.” Kunjalo. UmKristu angewuhlambalaze uMoya oNgcwele.

319 Yisoni esihlambalaza uMoya oNgcwele; ongakholwayo, *isoni*, o “ngakholwayo.” Kunento embili kuphela: kuphakathi kokuthi uyikholwa, noma ongakholwayo.

320 Manje, qaphelani lapha, ukwenza lokhu kusombululeke ngempela manje. Ngaba nombono owawuhlala ungihlupha. Eminyakeni eyedlula ngangivame ukubuka lokho. Ngathi, “O, uma umuntu eke wemukela uMoya oNgcwele-ke, bese-ke ehlubuka, uyolahlwa kuze kube-phakade.” Ngangingakwazi ukuthola lokhu okunye ukwenza kuzwakale ngalokho.

321 Ngathi, “Pho kungani iBhayibheli lasho, ukuthi, ‘Ozwa amaZwi aMi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuPhakade, Phakade, futhi akasayikuya neze ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza kiMi, futhi akukho namunye olahlekile, Ngiyakubavusa ngemihla yokuphela. Akekho ongazihlwitha esandleni saMi?’ Lokho kwehlukaniselana kanjani nalokhu na? Nje ngangingakuqondi, ‘Akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa.’” Ngacabanga, “Kukhona okungalungile. Angikutholi nje.”

Ngase ngiya emhlanganweni omncane wamaPentecostal, eminyakeni eyadlula.

322 Akusekho namunye osasele ebandleni, ngiqagele, kulobubusuku, osakhumbulayo. Eminyakeni eyadlula, lokhu kwase kuthi akube ngisho nasesikhathini nje itabernakele elakhiwa ngaso. Ngaphandle kokuthi, kungaba nguMfowethu Graham emuva lapho, noma omunye. Angazi, wawulapha kuqala, noma qha, bafowethu. UMfowethu Mahoney, ngiyacabanga, kwakunguye. Ya, ngaphambi nje kokuba ngishadelwe.

³²³ Lesosiphiwo sisebenza, ngangingowesabayo. Bangitshela ukuthi kwakungokukaDeveli. Ngangingazi ngaze ngatshelwa yiNgelosi yeNkosi.

³²⁴ Ngaya eMishawaka, ngase ngihlala kulowomhlangano, futhi angikaze ngikuzwe ukumemeza okukhulu kangaka nokukhala nokudumisa uNkulunkulu. Ngacabanga, “Mfowethu, yiZulu leli.” Futhi, o, ukuthi babehla benyuka kanjani.

³²⁵ Badingeka ukuthi babenawo eNyakatho, ngenxa yobandlululo. Ikhiladi nomhlophe babendawonye. I.P.A. yase W. ne P.H.A.C. babephumile futhi baba yiPentecostal eHlangene. Kepha kwakuyimvuselelo enjani pho ababenayo, lapho etabernakele likaMfowethu Rowe eMishawaka. Futhi mina, umfo omncane ofisa ukwazi okufihlakeleyo, ngihlezi esihlalweni esingemuva, ngangikubhekisisa konke okwalokhu. Ngangingakaze ngizibone lezizinto ngaphambili.

³²⁶ Kwakukhona indoda ehlezi lapha... Angikaze ngikusho lokhu emphakathini ngaphambli. Kwakukhona indoda eyayihlezi eceleni, nendoda ngakwelinye, nenye yakhuluma ngezilimi, nenye iyakuhumusha. Futhi ayesho izinto ezehlukene eyayizokwenzeka. Manje-ke, *lena* ikhuluma ngezilimi, *naleyo* iyahumusha. Ngacabanga, “He, lokho akumangalisi yini!” Ngacabanga, “Kukhazimula kanje pho! Bafanele ukuba yiziNgelosi, zehla ziba yisimo samadoda.”

³²⁷ Awu, nganginedola noseventi sente kuphela, ukuba ngifike ekhaya ngayo, futhi nga-nga-ngangingathola nje ithangwe likapetroli. Ngalala ensimini yombila ngalobo busuku. Nginengxenywe yayo enwadini, kodwa hhayi konke okwayo, ngoba ngangingafuni ukulimaza umuzwa wabo. Futhi ngakho, ngalobo busuku, bathi, “Bonke abashumayeli abeze emsamo.” Ngangisemsamo. Ngangingumshumayeli osemncane kunabo bonke lapho ngaleyonkathi.

³²⁸ Ngakho, ngokusa okulandelayo, bangicela ukuba ngize ngizoshumayela. Ngacasha. Niyazi, indoda eyikhaladi yathi, “Nangu.” Niyayikhumbula indaba yakho, ngenkathi ingidalula ngihlezi lapho.

³²⁹ Futhi ngakho emva kokushumayela ngalolosuku, ngihambahamba, ngacabanga “Ukuba nje bengingafinyelela kulawomadoda amabili.” Ayehola umhlangano. Enye yayisukuma futhi ijike ibe mhlophe ebusweni; yayikhuluma ngolimi. Nenye yayikuhumusha, futhi inikeze amazwi, “ISHO KANJE INKOSI, ‘Kunomuntu *othize-thizeni* lapha, ogama lingo*Thize-thizeni*, ofanele enze *lokhu* nokuthize-thizeni.’” Mfowethu, kwakuyiqiniso. Nomunye wayesukuma futhi akhulume ngezilimi, futhi wayehumusha.

³³⁰ Ngacabanga, “O, he, lokhu akumangalisi yini!” Ngakho, ngalolosuku, ngacabanga, ngaphuma ngase ngikhuleka.

Ngacabanga, “Nkosi, ngenzele lokho futhi.” Ngangingazi ukuthi ngingakubiza ngithini, imibono.

³³¹ Ngaphuma ngase ngikhuleka, ngase ngicela iNkosi ukuba ingisize. Ngaya ngale kwendlu, kwase kwenzeka ngagijimela kwenye yawo. Manje, iNkosi inginika indlela yokwazi izinto. Ngayixhawula. Ngathi, “Sawubona?”

Yathi, “Sawubona? Ubani igama lakho?”

Ngase ngithi, “UBranham.”

“O,” yathi, “ungumfo osemncane oshumayele kulokhu ukusa.”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

³³² Ngenkathi ngisenengxoxo naye, ngawubamba umoya wayo. Futhi yayingumKristu wangoqobo, umKristu omsulwa nje, umfowethu. Ngiqonde ukuthi, yayiyikholwa. Ngacabanga, “O, lokhu akumangalisi yini!”

³³³ Futhi cishe ehoreni kusukela ngaleyonkathi, phandle lapho eduze kwemoto, okwakubukeka emotweni enkulukazi, kwakunokuthi “uJesu Kuphela” kubhalwe kwingemuva layo, futhi omi phandle lapho kwakumi enye indoda. Ngase ngiphuma ngase ngithi, “Sawubona, mnumzane?”

³³⁴ Yathi, “Sawubona?” Yathi, “UnguMfowethu Branham, okhulume kulokhu ukusa.”

³³⁵ Ngathi, “Yebo, mnumzane. Nginguye.” Ngathi, “Awusho, ngizijabulele lezo isiphiwo esikhulu sikaNkulunkulu esisebenza kini nobabili bazalwane.”

³³⁶ Yathi, “Ngiyabonga, Mnu. Branham.” Ngase ngiqala ukuwuzwa umoya wayo. Kufika umbono. Futhi uma ngake ngakhuluma nomzenzisi, lapho kwakungomunye wabo. Umkakhe wayengowesifazane onekhanda elimnyama. Wayehlala nowesifazane onekhanda elimhloshana, enabantwana ababili ngaye. WayengemKristu kunalutho ezweni.

³³⁷ Ngase ngithi, “Ngingene kukuphi na? Ngangicabanga ukuthi ngangiseziNgelosini, futhi manje ngifanele ukuthi ngisemademonini. Kukhona okwenzekile. Nakhu kwakukhona eyodwa, umKristu wangoqobo; noMoya ofanayo wehlela kulendoda, wawehlela kulendoda.” Ngathi, Manje sengidideke ngakho konke.” Angazanga ukuthi ngifanele ngenzenjani. Ngakhala futhi nganxusa, eNkosini. Angazanga ukuthi ngifanele ngemukele ini.

³³⁸ Base bezongifikisa e...Bangibuza ukuthi ngangi “memukele yini uMoya oNgwele na?” lomfo wangibuza. Ngathi, “Qhabo, mnumzane, hhayi ngendlela owawuthola ngayo.”

Yathi, “Sewake wakhuluma ngezilimi na?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

Yathi, “Kusho ukuthi aWunawo-ke.”

³³⁹ Ngakho ngathi, “Mhlawumbe uqinisile, mfowethu. Mhlawumbe anginawo, ngoba anginakho onakho wena.” Futhi emva kwesikhashana, ngajabula ukuthi ngangingazange.

³⁴⁰ Ngakho manje-ke ngakubhekisisa lokho, ngase ngibona indlela lokho okwakuhamba ngayo.

³⁴¹ Ngakho, ngoluny’usuku, ngangiphandle lapha ngikhuleka, kudala. Ngizonitshela ukuthi kungani, ukuthi ngangikhulekela bani, kwakunguRoy Davis. Futhi ngangiphandle lapha ngikhuleka, ngoba wayengibize nge “ncelebana,” futhi ngangikhuleka ukuba uNkulunkulu amthethelele ngakho. Futhi wayenomshini ogaya izincwadi emuva lapho, wabhala iphepha. Nalowomshini ogaya izincwadi washiswa wumlilo futhi washa waphela, ubusuku obuthi abube bubili emva kwalokho, besawusebenzisa.

³⁴² Futhi ngakho ngangimi emuva lapho emgedeni omdala emva kwesiGayo sakwaGreen. Ngaphumela lapho. Futhi ngangikhuleka, kade ngisemuva lapho, usuku olubili. Ngabeka iBhayibheli lami phansi phezu kogodo oludala, lapho, ngakhombisa uMfowethu Wood, kungekudala, ngabeka iBhayibheli lami phansi. Ngahlala ngagxamalazela ugodo. Nomoya waphephetha. Ngacabanga, “Sekunesikhathi eside, emuva kulowomgede, ngizothi ukufunda kancane nje.” Ngakho ngathatha iBhayibheli ngase ngiqala ukufunda, nalesi kwakuyisahluko okwakukuso. Awu, ngiqala ukufunda, futhi ngiqala ukumangala-ke. Niyabo?

Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, . . .benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,

. . .banambitha izwi elihle likaNkulunkulu, na . . . ezwe elizayo,

Uma behlubuka, ukuba babuye bazivuse . . . ukuba baphenduke; lokhu sebezibethelela iNdodana kaNkulunkuu kabusha, futhi bayithela ngehlazo obala.

³⁴³ Ngacabanga, “Nanko lowomBhalo.” Kodwa ikhona into eyayilenga nami. Ngase ngiqala ukucabanga, “Nakhu lapho akhuluma khona emuva lapha, ekuqaleni, ‘Singabeki isisekelo esifileyo sokuphenduka, ekuqaleni. Singabeki isisekelo sokuphenduka,’ futhi lapha uthi, ‘Okusha, bezivusa babuyele ekuphendukeni. Kodwa asiqhubekele kokupheleleyo, sibeka lezizinto emuva.’” Ngase-ke ngiqala ukufunda. Ngase-ke ngifunda ivesi elilandelayo.

Ngokuba umhlabathi ophuza imvula efika kaningi phezu kwawo, umilisa imifino ebasizayo abawulinyelwayo, uyabusiswa nguNkulunkulu:

Kepha uma uweza ameva nekhakhasi uyaleka, futhi useduze nokuqalekiswa; ukuphela kwawo ngukushiswa.

344 Futhi ngenkathi ngifunda lokho, iNto ethize yavele nje yangishukumisa. Ngase ngicabanga, “Nkosi, lokho akuphathelene noRoy Davis. Kungani Wenze lokho na?”

345 Ngaqala, ngiphenya elinye ikhasi. Ngadingeka ngibuyele kuLo, futhi, “Akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa,” badlule kuKho futhi.

346 Ngase ngicabanga, “Nkosi, yini le? Uqonde ukuthini, Nkosi na?”

347 Ngase ngijika ngase ngibuyela emgedeni wami, ukuba ngiyokhulekela phezu kwaKho. Futhi ngenkathi ngenza, ngabona izwe liphenduka. Futhi lonke laliphenduliwe, kahle ngempela, umhlaba wonke. Ngase ngibona indoda igqoke ezimhlophe, ihamba ijikeleza, yayinesaka esandleni sayo. Yayihlwanyela izimbewu lapho ihamba ijikeleza. Yahamba ijikeleza ukugoba komhlaba. Futhi yathi nje ingajikeleza, nakhu kufika umfo egqoke izingubo ezimnyama ngempela, umfo obukeka esuleke ngempela, ehamba ngesinyelela *kanje*, ebuka. Futhi wayenembewu. Futhi waphosa into ethize emva kwawo, lapho ehamba ejikeleza umhlaba; ebhekisisa wonke umuntu futhi ephosa. Ngama futhi ngawubhekisisa umbono.

348 Emva kokuba esehambile, izwe lajika, futhi kwakukhona okukhulu, ukudla okukhulu okusanhlamvu, futhi kwakungokukakolo. Futhi kwakukhona ukhula, ogudluthukela nezinto kukolo.

349 Nakho kufika isomiso. Futhi, o, ukuthi lowokolo waligebisa kanjani ikhanjana lawo, futhi wawomele amanzi. Ugudluthukela omncane wawulengise ikhanda lawo, futhi wawomele amanzi. Wonke umuntu wayekhulekela imvula. Futhi emva kwesikhashana, nakho kufika ifu elikhulu futhi nje lanisela umhlaba wonke. Nogudluthukela omncane wagxuma, uqala ukumemeza, “Udumo kuNkulunkulu! Halleluya! Ayidunyiswe iNkosi!”

350 Nokolo omncane, wagxuma, uqala ukumemeza, “Udumo kuNkulunkulu! Ayidunyiswe iNkosi!”

351 Kwase-ke kufika umBhalo kimi, otholakala eNcwadini kaMathewu, isahluko 5 nevesi 45. Futhi lalalani ukuthi uJesu wathini, kuMathewu 5:45. Futhi lalalisani manje njengoba sifunda. UMathewu, isahluko 5 nele 45, 46 ivesi; 44, ukuqala.

Kepha mina ngithi kini, Thandani izitha zenu, nibabusise abaniqalekisayo, futhi nibaphathe kahle abanizondayo, nibakhulekele abanihlebayo, nabanihluphayo;

*Ukuba nibe ngaba...biza...nibe ngabantwana
bakaYihlo osezulwini: ngokuba yena uphumisa ilanga
lakhe phezu kwababi nabahle, anise imvula phezu
kwabalungile nabangalungile.*

³⁵² Ngakho, niyabo, imvula efanayo eyenza ukolo umile, yenza ugudluthukela umile. Futhi, ngakho-ke, ngasithola isithombe. Nango umvumi wakho wangokwenyama, osebandleni ngqo. Kodwa izithelo zakhe...Angamemeza, agxume, asine, akhulume ngezilimi; kodwa izithelo zakhe: ungudluthukela. Futhi nango omunye, onoMoya ofanayo. UMoya oNgcwele ungathi qatha kuso impela isigejane sabantu, nomzenzisi angamemeza, ngoMoya oNgcwele, ngokufanayo nje njengoba ugudluthukela ungaphila ngemvula ethunyelwe. Yilokho uPawulu akhuluma ngakho lapha. Kodwa akunakwenzeka ukuba ugudluthukela ube wukolo, noma ukolo ugudluthukela. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

*Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake
bakhanyiswa, ba...hlanganyele isiphiwo kuMoya
oNgcwele,*

*Futhi...banambitha izwi elihle likaNkulunkulu,
namandla ezwe elizayo.*

...bahlubuke, ukuba babuye bazivuse... .

Lalelani ukuthi wathini.

*...ngokuba imvula...efika kaningi phezu komhlaba,
ukuwunisela nokuwumilisa nokuwulungisa;*

Kepha...ameva namakhakhasi useduze nokwala;... .

*Manje, ngakho-ke masidlule eziqalweni nezimfundiso
ngoKristu, sikhubekele ko...kokupheleleyo; singabuyi
sibeke isisekelo sokuphenduka nemisebenzi efuleyo... .
nguNkulunkulu, nokukholwa, kanjalonjalo,*

*...nezimfundiso zemibhaphathizo,...ukubeka
izandla, nezinto;... .*

³⁵³ Niyabo, ikholwa lenyama, emuva ngalezozinsuku, njengoba kunjalo nje namhlanje, lithanda ukuthi, "Awu, ngingowesonto. Ngiphendukile. Ngi-ngiyenyuka, ngenza ukuvuma. Ngibhaphathiziwe." Niyabo, babeka kulezozinguquko zenyama. Futhi kwenzani na? Kuveza ogudluthukela.

³⁵⁴ Kwenzani ukuphelela na? Ngukolo. Ukolo uyiZwi likaNkulunkulu. Uwusebenzisa njengeZwi laKhe. YiMbewu. Iyathela.

³⁵⁵ Kuya ngokuthi mbewuni ehlwanyelwa enhliziyweni yakho. Uma uza esontweni ngoba nje wesaba isihogo, uma ujoyina isonto ngoba ungafuni—ungafuni ukuya esihogweni, usalokhu uwugudluthukela. Uma u—uma ujoyina isonto ukuba nje uthandwe ngabantu, usalokhu uwugudluthukela. Uma wenze

zonke lezizinto eziyizo ngegama nje eyokwenziwa, futhi yilokho kuphela onakho, usalokhu uwugudluthukela.

³⁵⁶ Kodwa owangempela, umKristu wangoqobo ujonge ekupheleleni kuze kufe izwe bese uba yisidalwa esisha kuKristu Jesu. Manje-ke, akunakwenzeka ukuba lowomuntu ake aze awe. IBhayibheli elakushoyo! Niyabona ukuthi lokho kuqhathaniseka kanjani nawo wonke umBhalo na? Niyabona ukuthi Ukwendlala kanjani khona phakathi lapho endaweni yakho na?

³⁵⁷ Lingasho kanjani lapha, “Umuntu oke wasindiswa akalahleki neze” bese liza ngapha bese lithi, “Kodwa, uma ulahlekile, noma uhlambalaza, akunakwenzeka na”? Impela, uma ungunhlambalazi, awusuye umKristu.

³⁵⁸ “Akukho-muntu, okhuluma ngoMoya kaNkulunkulu, ongathi uJesu kathukwe.” UJohane oNgcwele 4...noma uJohane wokuQala 4. Akukho-muntu okhuluma ngoMoya kaKristu, ongathi uJesu “kathukwe.” Wonke umoya, kaNkulunkulu, oseBandleni lamaKristu, uvumelana nayo yonke into eshiwo nguNkulunkulu.

³⁵⁹ Siyafunda lapha, futhi sithi, “Yalinyazwa ngeziphambeko zethu. Ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina.”

³⁶⁰ Umqondo omdala wenyama uthi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ngingu*Dr. Jones*.” Niyabo? “Ayikho into okuthiwa ngukuphilisa kukaNkulunkulu. Ayikho into ethiwa yinkolo ezwakala enhliziyweni. Niyisigejane esisetsenziwe nje. Ninamadlingozi. Niyabo, yilokho kuphela okukukho. Lapho akukho lutho kukho. SingamaPresbyterian. SingamaLuthela,” kumbe noma ngabe yini. “Siyazi lapho esimi khona.”

³⁶¹ Kodwa uthini uMoya kaNkulunkulu na? UJesu Krstu, ofanayo lapha! “Amen,” kusho uMoya kaNkulunkulu. Uvumelana masinya neZwi. Yebo, mnumzane. Ukhona lapho. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini manje na?

³⁶² “Lezizinguquko zenyama kusebenza ukufa,” kwasho uPawulu.

³⁶³ Kodwa lapho kuvela khona ukuPhila, lokhu ukuphelela, “Ozwa amaZwi aMi. akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaPhakade, futhi akasoze aya ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Ngiyakumnika ukuPhila okungunaphakade, ngimvuse ngemihla yokuphela. Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi, futhi akukho-namunye olahlekile.” Angeke abakhona.

³⁶⁴ Ngakho, nakhu okukwenzayo—okukwenzayo. Abantu ucabanga ukuthi lokho kwenza abantu bakhululeke. Mfowethu, awumfanele uNkulunkulu phansi kokuhlina kwenyoka. UNkulunkulu akasuye omunye walababafa abanesiswebhu senyoka emnyama, behamba bekuqhuba. UnguBaba.

UluThando. UNkulunkulu uluThando. NeBhayibheli lasho, kuJohane oNgcwele, “Othandayo ungokaNkulunkulu.”

³⁶⁵ Uyamthanda uNkulunkulu. Bengingeke, ukuba bengiphumile futhi—futhi ngadakwa kulobubusuku. Angikaze ngiphuze, empilweni yami. Kodwa uma ngiphumile ngase ngidakwa, bengingesabe ukubhaxabulwa. Leso akusiso isizathu sokuthi ngingahambi—hambi, ngingahambi ngiyokwenza. Isizathu sokuba ngingakwenzi, yingoba ngiyaMthanda. Uyangithanda. Akusiwo imisebenzi yomthetho. Akusiyo into okufanele ngiyenze. Yingoba Usevele ungenzele into ethize, futhi ngiyaMthanda ngakho. Nakho lapho okhona.

³⁶⁶ Ngakho, ngalowoMoya phakathi lapho, othenjisiwe, “Ngibanika ukuPhila okungunaphakade, futhi abasoze babhubha.” Ngabe Waqamba amanga noma ngabe Wakhuluma iQiniso na? Wakhuluma iQiniso. Ngakho, niyabona ukuthi loKhu kuhumusha kanjani na? Ukungabinakwenzeka kungokomuntu ukuba awe emva kokuba esebe semseni. Angeke. Angawa, impela, kodwa hhayi ukuba abuyele ekuphendukeni, abuyele endaweni nokuphinda enze imisebenzi emidala futhi.

³⁶⁷ Ngakho, nonke nidledzela nisuka emvuselelweni niya emvuselelweni, endaweni eyodwa bese—ke kuba ngenye, aniboni ukuthi anigxilile na? Anakhekile. Manje, impela . . . Wena uthi, “Mfowethu Branham, angazi uma . . .” Impela uNkulunkulu ubengeke anginika inkonzo Anayo, futhi angidedele ngibe sekwedukeni. Futhi ukuba bekungafakazisiwe ngumBhalo, khona—ke bekuyoba ngukweduka, kodwa nanku umBhalo wokukweseka.

³⁶⁸ Amabandla awakaze ageje indawo . . . Abantu bayahamba, bajoyine isonto, baqophisane, balwe, bakhathazeke, na—nayoyonke into, futhi nje uphile noma yiluphi uhlobo lwempilo yenyama. “O, yebo, ngingumKristu.”

³⁶⁹ Benginokuvuma namhlanje kwenenekazi elincane elangitshela ukuthi umyeni walo wayebaleka nendoda. Libabambile, indawo nendawo. Nowesifazane uthi, “Ngizokwazisa, ‘NgingumKristu.’”

³⁷⁰ Buka ngapha kuJimmy Osborne, phandle lapha eshumayela ngeSonto ekuseni; nodum—dum, umculo werokh end rol nayo yonke into, iviki lonke.

³⁷¹ Bukani uElvis Presley, ukuhumushela kukaJuda Iskariyotho ka 1947, ujoyina iAssemblies of God, iPentecostal, ekhuluma ngezilimi enzela uMoya oNgcwele, futhi wathumela eminingi imiphefumulo ekuhlushweni kunawo onke amajoyinti ogweva obekhona eminyakeni engamashumi amahlanu edlule. Waphendukezela umqondo wabantwana abayinjeane emhlabeni jikelele, sekuze kuthi amantombazane amancane adumele izingubo zawo zangaphansi azikhumule futhi ayiphose emsamo, naye encwadini ayiqambile. Unobunhlamba

ngangokuthi bangeke bamkhombisa kwitelevishini, kusukela okhalweni lwakhe kwehle, indlela umzimba wakhe. UMoya oNgcwele, ukhuluma ngezilimi, kube ngubufakazi obubonakalayo na? O, mfowethu, uma uMoya oNgcwele wawulapho, Ubungeke uziphathe kanjalo. Wazi kangcono kunalokho. Impela ngeke. UNkulunkulu uthanda inhlanzeko nobumsulwa nokuba ngcwele.

³⁷² Angiziphathi ngenhlanzeko nobumsulwa nokuba ngcwele ukuba ngizenze umKristu. Kodwa uKristu, kimi, uphila lokho kimi. Futhi ngiyaMthanda. Futhi uma ngenza noma yini engalungile, kungilahla ngecala, khona lapho. Ngithi, “Nkulunkulu, ngithethelele.” Nsuku zonke. Ngifanele ngicele intethelelo, nsuku zonke. Nawe uyakwenza, futhi. Impela, uyakwenza.

³⁷³ Kodwa manje uma u—uma ungowenyama, ulindela emuva nje, uthi, “A, awu, lokho kulungile, ngingowesonto.” Niyabo? Bese kuthi—ke uma uhlambalaza, kungenkathi ungenakho ukuKholwa okwanikelwa abangcwele kwaba kanye. Khona—ke uhlekisa ngaLokho, bese ukuBiza ngokuthi, “Ngumoya omubi.” Uthi, “Leso yisigejane sabagingqiki abangcwele.” Manje—ke, uzehlukanisa wena phakathi komusa nokwahlulelwa, khona—ke usuphelile kuze kube—phakade.

³⁷⁴ UJesu wathi, “Izwi elilodwa elimelene naWo, alisoze lathethelelwa kulelizwe noma izwe elizayo.” Futhi umKristu, ozalwa nguMoya, angeke akusho okubi ngaLokho, ngoba kungeke. Kuvumelana naWo. Kunjalo.

³⁷⁵ Yingalesosizathu abantu bezama ukungitshela, leyoNsika yoMlilo lapho, ebonakala lapha nathi, bazama ukuba basho, ukuthi, “Lowo kwakunguDeveli,” lokho, “Kwakuyingane kwane nje,” konke lokhu. Kodwa ikhamera yafakazisa ukuthi Kwakungesiyo. Nemisebenzi ibekwe ngqo eBhayibhelini, iNsika yoMlilo efanayo eyahlangana noPawulu esendleleni yakhe ebheke eDamaseku. Zonke lezizinto Azenze emuva lapho, ukwenza nje ncamashi ngendlela efanayo, ngeBhayibheli. UnguKristu, iNdodana kaNkulunkulu.

³⁷⁶ Futhi uma sizalwa ngokusha, sinokuPhila okungunaphakade, futhi singebhubhe. Akunakwenzeka ukuba umuntu awe. Yilokho iBhayibheli elakushoyo.

³⁷⁷ Manje, lalalani, bhekisisani ukuthi uPawulu uthini. Ngizokufunda konke okunye kwakho, futhi ngibone ukuthi ngabe lokho akuzwakali yini kahle, manje. Asiqhubeke, umzuzwana nje. Ivesi 8.

Kepha uma uweza ameva nekhakhasi uyaleka, useduze nokuqalekiswa; okuphela kwawo ngukushiswa. (Lowo ngongakholwayo.)

³⁷⁸ Manje bhekisisani uPawulu. “Kepha, bathandekayo, ...” Manje ukhuluma ngalabo ezama ukubuyela emuva

phansi komthetho, niyazi, ezama ukwenza yonke imisebenzi yomthetho, nokho nje bayinkambiso njengoba bengaba njalo. Banembhaphathizo nokubeka izandla, nazo zonke lezizinto.

Kepha, bathandekayo, siyethemba okuhle ngani kunalokho, . . .

Nakho lapho okhona. Mlaleleni manje.

. . . ngisho okuqondene nokusindiswa, noma—noma ngalokhu sikhulume lokhu.

Ngokuba uNkulunkulu kasiye ongalungile ukuba akhohlwe yimisebenzi wenu nemishikashika yothando, enilubonakalisile ngakulo igama lakhe, lokhu nibakhonzile abangcwele, nisabakhonza.

³⁷⁹ Niyabona ukuthi Ukhuluma ngani na? Akakhulumi ngamaKristu ewa, akunakwenzeka ukubuya. Ukhuluma ngamakholwa okwenyama ahamba ngesimo senguquko. “Kepha,” wathi, “kinina enazalwa ngokusha, wena ongumKristu, bathandekayo, siyethemba okuhle ngani kunalokho. Anizisho lezozinto. Aniluphili lolohlobo lokuphila. Niphephe noKristu.”

Wathini emuva lapha na? Manje asiye kumaHeberu 10, lapho ebekhona kulokhu ukusa, futhi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

³⁸⁰ Manje asiphenye—ke, futhi, kwabase—Efesu 4:30. Futhi asithole lokhu, umzuzu nje, futhi sibhekisise ukuthi lokhu kuthini, ukweseka lokhu, ukwenza umBhalo uhambe nomBhalo. Kwabase—Efesu 4, asibone. Kwabase—Efesu 4:30. Asifunde futhi sibone ukuthi Lithini. Lalelani.

. . . ningamdabukisi uMoya ongcwele kaNkulunkulu, . . .

Hhe? Sibhaphathizwa kanjani eMzimbeni na? NgaMoya munye.

. . . ningamdabukisi uMoya ongcwele kaNkulunkulu, enibekwe uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlwegwa kwenu.

Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nibekwe uphawu eMzimbeni kaKristu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, hhayi ukusuka emvuselelweni eyodwa kuya kwenye, kodwa kuze kube luSuku lomzimba wokuhlengwa. Yilokho oyikho. Ngakho, ayikho indlela kuwe yokuba ulahlwe.

³⁸¹ Uthola ukuba novalo. Futhi yingalesosizathu ukuba novalo, ukuba novalo, ukwesaba kuhambisana nokungabaza.

Uthando luhambisana nokukholwa. Ngiyamthanda uBaba wami. AngiMesabi, ngoba ngiyaMthanda. Ubengeke angilimaza. Uyongenzela okuhle. Ukuba benginokuMesaba, futhi, “O, angazi noma Uzokwenza yini, noma qha.” Niyabo?

³⁸² Kodwa uma ngiMthanda, “Yebo, Baba, ngi—ngiyaKuthanda. Futhi ngiyazi U—UnguBaba wami, futhi Wena uyangithanda, futhi angesabi kodwa ukuthi Uyoligcina iZwi laKho. Liyisithembiso saKho kimi.” Yileyondlela—ke uMoya kaNkulunkulu owenza ngayo.

³⁸³ “Kodwa, o, uma ngenze *lokhu*, uma ngenze *lokho*.” Niyabo, lapho ufika ohlangothini lwangomthetho, futhi. Ungayi neze ohlangothini lwangomthetho. Kungokuphikisanayo.

³⁸⁴ Uhlangothi oluvumayo yilokho okufunayo. Sekuvele kungumsebenzi osuqediwe. UKristu wafa, nesono sabulawa ngenkathi Efa. Futhi uma uNkulunkulu akwazi—phakade ekuPhileni okuPhakade, “Konke uBaba aNgiphe khona, kuyakuza kiMi.” Nakho lapho okhona, ungeke walahleka. Uphephe kuze kube—phakade. “Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe sibe Mzimba munye, futhi ngamhlatshelo munye Usiphelelise njalonjalo.” Nakho lapho okhona. Akukho—ndlela kithi ukuba silahleke. Kuyikho. Manje, akunenzi nizizwe nikahle na? [Tbandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁸⁵ Manje, wazi kanjani ukuthi ungumKristu na? Uma umoya wakho ufakazelana noMoya waKhe, uma uthando lukaNkulunkulu lusenhliziyweni yakho, uma unothando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ububele, ukukhuthazela, ubuvi, ubumnene. Yilapho o...Izithelo zikaMoya silandela impilo yakho.

³⁸⁶ Hhayi ngoba ungasina eMoyeni, o, kulesisigqi sesimodeni, ukukhalise ngenjabulo opiyaneni, enqwabeni yalokhu lapha ukusina eMoyeni. Lezozinto zilungile. Kodwa zithatha yonke into ziyiwezele kulohlangothi langomthetho, niyabo, futhi ngakho—ke, bashiya uMoya kaNkulunkulu ngemuva.

³⁸⁷ Yingaleso sizathu, ngenkathi uNkulunkulu eqala ukuZibonakalisa, bathi, “Umbhedo. Asifune kuzihlanganisa ngalutho ngaLokho.” Abamazi uNkulunkulu. Abakaze baKubone. BangeKuqonde, ngoba kunokuphila okwehlukile phakathi lapho. Akazi...Ugudluthukela awazi ukuthi ukolo wenzani. Ungukuphila okwehlukile.

³⁸⁸ Yileyondlela okungayo ngomKristu, ekholweni lenyama, umvumi, ophumayo futhi avume, “O, yebo, ngingumKristu.” Isigazu esikhulu emlonyeni wakhe, njengejongosi laseTexas elinqindwe izimpondo.

³⁸⁹ Owesifazane egqoke izikhindi zakhe, uthi, “O, yebo, ngiyilunga lebandla. Impela, ngiyilo.” Izithelo zakho ziyafakaza ukuthi awulutho kodwa ungowenyama. Kunjalo. Impela, yiyo. Yinje kuphela into yokuvumela lokho: lokho kuphakathi kokuthi ngukukhubazeka kwengqondo noma umoya wenkanuko uphezu kwakho. Kunjalo.

³⁹⁰ Uma ufuna ukuziphathisa okwezwe, iBhayibheli lathi, “Uma uthanda izwe noma izinto zezwe, uthando

lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe.” Ngakho nakho lapho okhona.

³⁹¹ Manje, wena uthi, “O, iBhayibheli lathi, khona-ke ngifanele ngenze lokho.” Qhabo, lokho akusikho. Hlala lapha aze ukuba uKristu usekwenze into ethize, ekhipha lokho kuwe. Khona-ke uzalwa nguMoya kaNkulunkulu. Hhayi lokho okwenzayo, kuyilokho Akwenzele khona. Uze uthole uthando ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Bese-ke ubhekisisa impilo yakho, uma i—inokondisa. Hhayi ngoba uzama ukwenza impilo yakho, kodwa ngoba uNkulunkulu ukuletha ekuthobeleni uMoya waKhe. Akusuwe oziholela endleleni kaNkulunkulu. NguNkulunkulu ekuholela endleleni okungeyaKhe uQobo. Akusuwe owenza ukuhola, kodwa uNkulunkulu enza ukuhola.

³⁹² Manje bhekisisani lokhu, manje, njengoba nje sehlela ngasekugcineni. Ivesi 11.

Kepha sinxanela ukuba yilowo nalowo kini abonakalise lokhukukhuthalela lize liphelele ithemba kuze kube sekupheleni:

Ukuba ningabi buthuntu, kodwa nibalingise labo abadla ifa lezithembiso ngokukholwa nangokubekezela.

³⁹³ Manje, okunye nje futhi ukuphawula lapha.

Ngokuba lapho uNkulunkulu wamthembisa uAbrahama, wazifunga yena, lokhu kungekho omkhulu kunaye,

Wathi, Impela ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngiyakwandisa, nokukwandisa.

³⁹⁴ Ngenkathi uNkulunkulu ehlangabezana noAbrahama! Manje, uAbrahama wemukela isivumelwano, ngaphandle kwanoma yikuphi ukuzibonga nhlobo. Isivumelwano senziwa noAbrahama. Ngumusa uqobo, ngakho konke. UAbrahama wayengesiyo indoda engcono. Wayengesiyo indoda enobungwele. Wayeyindoda nje ejwayelekile. Futhi uNkulunkulu, ngokhetho, wakhetha uAbrahama ngoba uNkulunkulu wamkhetha; hhayi ngoba uAbrahama wayekufuna, ngoba uAbrahama wenza *lokhu*, ngoba wayeyindoda elungileyo, ngoba wayenakho afanele ukubongwa ngakho nhlobo. Kodwa kwakungukukhetha kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wathatha uAbrahama.

³⁹⁵ Namhlanje, njengoba ngishilo, ngiyakholwa “Siqoka abashumayeli bethu.” Siyahambahamba, sithi, “Awu, omunye wabadikoni uyayeka. Asithole indoda engcono kunawo onke endlini ukuba ithathe indawo yakhe. Awu, umelusi uyayeka; asithole, sinobedlula bonke.” Ngezinye izikhathi lokho akulungile.

³⁹⁶ Ngenkathi beqoka indoda ukuba ithathe indawo kaJuda, bathola indoda engafanele. Bathola indoda ehloniphekile,

uMathiya, umbhali omkhulu, isifundiswa esikhulu, usomaqhinga. Bathi, “Uzothatha indawo nje ngempela. Mfana, ubukeka njengendoda yangempela.” Kodwa kwakungesikho ukukhetha kukaNkulunkulu. Futhi wathatha lendoda, futhi ayizange imenzele lutho uNkulunkulu.

³⁹⁷ Kodwa uNkulunkulu wathatha ukukhethwa kwelincane, elidala elinolaka, iJuda elinekhala eliyihhuka elehlela lapho. Ubuso balo, konke, “Ngizokwehla. Ngizobabopha.”

³⁹⁸ UNkulunkulu wathi, “Ngibona okuthize kulo. Ngizolisebenzisa.”

³⁹⁹ NoNkulunkulu wabonakala phambi kwalo, lokho kuKhanya okukhulu lapho. Lase lithi, “Ungubani, Nkosi na?”

⁴⁰⁰ Wathi, “NginguJesu. Ngani, kulukhuni kuwe ukukhahlela emeveni. UNgihluphelani na?” Kanjalo, futhi uNkulunkulu wathatha *leyondoda* wase eyenza enye yamadoda amakhulu kunawo onke eseyake yatheleka ebusweni bomhlaba selokhu kwaba nguJesu Kristu. Lokho kwakungukukhetha kukaNkulunkulu.

⁴⁰¹ Namhlanje, sizama ukwenza ukukhetha. Nina mabandla, nithumela *lendoda* lapha, na *leyondoda* lapha. Akufanele kwenziwe ngaleyondlela. UNkulunkulu wenza ukuhola. NguNkulunkulu kukho konke, ngakho konke, phezu kwakho konke; hhayi lokho kwencwadi ethize ebhaliwe yelinye ibandla. Kuyilokho uNkulunkulu asho ngakho, okwenza umehluko.

⁴⁰² Qaphelani. UNkulunkulu wenza isithembiso ku Abrahama, ngaphandle kombandela. Futhi manje, akenilinde, uAbrahama akadingekanga ukuba enze neyodwa into. UNkulunkulu wathi, “Sengivele ngikwenzile.”

⁴⁰³ UNkulunkulu wenza isithembiso ku Adamu, wathi, “Adamu, uma ungayikukuthinta *lokhu*, uyophila kuzekube-phakade. Kodwa ngosuku odla ngalo, ngalolosuku uyafa.”

⁴⁰⁴ UAdamu wathi, “Ngiyamangala nje ukuthi konke kumayelana nani, empeleni na?” Uyawela futhi uyawudla, ethambisa.

⁴⁰⁵ Njalo uma uNkulunkulu enza...umuntu wenza isivumelwano sakhe noNkulunkulu, noma uNkulunkulu nomuntu, umuntu wephula ingxenye yakhe. Ngakho uNkulunkulu wayefanele enze okuthize, ngoba Ubonile ukuthi umuntu wayenjani. Futhi babaziwa phakade, bakhethwa, futhi uNkulunkulu wayefanele enze okuthize. Ngakho uNkulunkulu wehla wayesenza isivumelwano saKhe noAbrahama, ngaphandle kombandela. Ukuba kwakungekho ngaphandle kombandela, uAbrahama wayezolahleka, kudala.

⁴⁰⁶ Mbhekeni ehlezi phansi lapho eGerari, wahlubuka, eqamba amanga. Futhi unikeza umkakhe enye indoda, ukuba asindise

esakhe isikhumba. Indoda enje pho! Ehlezi phandle lapho, futhi wahlubuka. UNkulunkulu wamtshela, wathi, “Ungasuki enhla lapha. Hlala enhla lapha.” Indlala yamxosha. Wazulazula ezansi okulapho kwakuhambeka kalula kakhulu khona. Niyazi ukuthi kwenzekani kumfo uma ethatha umgwaqo olula.

⁴⁰⁷ Wazulazula phandle, ezansi lapho lapho utshani babuluhlaza khona kakhulu. Futhi ngenkathi efika ezansi lapho, watshela leyonkosi ukuthi umkakhe wayengu “dade” wabo, ukuba asindise isikhumba sakhe. Manje, lawo kwakungamanga. Futhi noma iyiphi indoda, engathatha umkayo futhi imnikeze enye indoda, ukusindisa isikhumba sayo! Wayelapho, ehlezi phandle lapho ethendeni elincane, umhlabuki, eqamba amanga, futhi wathola okuhle kokwakhe, wazinquma ngakho konke esithembisweni nayo yonke into, kodwa wayesalokhu engumprofethi kaNkulunkulu.

⁴⁰⁸ Futhi kwakukhona uAblimeleki, wayengenhle, indoda enobungcwele. Impela, wayesho imikhuleko yakhe njalo ebusuku. Wathola logogo, oneminyaka eyikhulu ubudala, wehlela lapho, esemuhle futhi esemusha futhi. Wathi, “Leyo intombazane ebengiyilindele, ngakho nje ngizoyishada.”

⁴⁰⁹ UAbrahama wathi, “Ungamthatha. Ungudadewethu.”

Yena, “Lowo ngumfowethu.”

⁴¹⁰ Ngakho uyamthatha umyisa laphaya futhi uthi abesifazane abamgeze wonke futhi—futhi bamgqokise izingubo ezinhle, futhi bamlungise njenge—njengenkosazana. Futhi washo imikhuleko yakhe, wazelula embhedeni, wayesephakamisa izinyawo zakhe, wayesethi, “Kusasa, ngizoyishada leya ntombazane enhle engumHeberu, lowo—lowo dadewabo womfana phandle lapho. O, kuzomangalisa. O Nkosi, Uyazi ukuthi ngiKuthanda kangakanani! Yebo, mnumzane. Kuyamangalisa!”

⁴¹¹ Wayesethi uNkulunkulu, “Ufana nje njengendoda efile.” Ehhe!

[UMfowethu uBranham uyakhwehlela—Umhl.] Ngiyaxolisa. Abra- . . .

⁴¹² Ngani, uAbrahama wayehleli laphaya, amanga, nokuhlubuka. Futhi nansi lendoda yayilapha, indoda ethembekileyo nje nelungileyo neqotho. “Ngani,” Wathi, “Nkosi, Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami. Akangitshelanga yini, ukuthi lowo bekungu ‘dade’ wabo na?”

⁴¹³ Wathi, “Ngiyabazi ubuqotho benhliziyo yakho. Yigalesosizathu Ngikuvimbela ukuba ungoni kiMi. Kunjalo. Ngiyabazi ubuqotho benhliziyo yakho. Kodwa indoda yakhe ingumprofethi waMi.” Haleluya! O, uma lowo kungesiwo umusa, kuyini na? “Wahlubuka, ekhuluma amanga, futhi ehlezi phandle lapho, kodwa lowo useyilokhu engumprofethi waMi. Thatha umnikelo, bese uya kuye, bese ubuyisa umkakhe.

Kungenjalo uyindoda efile. Angeke ngisayizwa imikhuleko yakho. Makakukhulekele.” Amen. Nakho lapho okhona. “Lowo ngumprofethi wami.”

Manje, wena uthi, “O, ngifisa sengathi nganginguAbrahama.”

⁴¹⁴ “Uma sifile kuKristu, siyiNzalo kaAbrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso.” Kunjalo. Yilokho iBhayibheli elakusho. Ningathanda ukuKufunda na? Ngani, iBhayibheli lakusho lokho, ukuthi isithembiso sasingekho kuphela kuAbrahama nezinzalo zakhe. Njengawe, uAbrahama wayenezinzalo eziningi, impela, abantwana abaningi. UIshimayeli wayengumtanakhe. Wayenabantwana abayisikhombisa noma isishiyagalombili emva kokuba uSara esefile, ngomunye, uKetura. Kodwa, bukani, inzalo yayingethenjisiweyo, okwabe kunguIsaka, nangoIsaka kwafika uKristu, ngoKristu kwafika thina. Isithembiso asinambandela.

⁴¹⁵ Manje, kuthiwani ngoAbrahama na? Ngani, ngabe wakwenza, kwakungenakwenzeka ukuba ake abuyele emuva futhi. Impela. Kwakungenakwenzeka ukuba uSawulu ake abuyele emuva futhi, uma lokho, uzofanele ufunde umBhalo ngaleyondlela. Niyabo? Kodwa kwakungenjalo. Isithembiso sikaNkulunkulu sihlala kuze kube phakade.

⁴¹⁶ Ake sifunde lapha umzuzu nje. Ngifuna niKufunde. Ngifuna nithole kwabaseGalathiya 3:16, futhi nifunde lokhu, futhi nibone manje ukuthi isithembiso siyini, futhi nibone ukuthi—ukuthi siyisithembiso saKhe yini noma qha, 3:16. Lalelani lapha. Kulungile. Ngizofunda ivesi 15, nami.

Bazalwane, ngikhulumisa okwabantu; Nokuba kuyisivumelwano somuntu, siqiniswe, akukho muntu osichithayo, nowenezela utho kuso.

Manje—ke isithembiso zanikwa uAbrahama nenzalo yakhe, inzalo (s, o e ababili, u d).

“UAbrahama neNzalo yakhe.” Manje bhekisisani.

Akasho ukuthi, nakuzo izinzalo zakho (ubuningi), kungathi ngeziningi; kepha...ngeyodwa ukuthi, Nasenzalweni yakho, enguKristu.

⁴¹⁷ Manje—ke, uKristu wayeyiNzalo kaAbrahama. “Futhi thina esifile kuKristu, futhi sabhaphathizelwa eMzimbeni waKhe, siyiNzalo kaAbrahama, futhi siyizindlalifa zesithembiso.” Manje—ke kukanjani, uzoke uwe kanjani, uma uNkulunkulu enza isithembiso kuwe na? Uzoke uhlabuke kanjani, futhi umuke futhi udingeke uye esihogweni ngakho na?

⁴¹⁸ Manje, wena uthi, “Awu, ngeke sahlubuka na?” Ngokoqobo. Futhi uma uhlabuka, uzokuthola, ungakhathazeki. UAbrahama wakuthola, nabobonke abanye bakuthola, nawe uzokuthola. Ungacabangi ukuthi kukunika ilungelo lokuba wona.

Akukuniki. Uyokhokha ngayoyonke into oyenzayo. Uyovuna okutshalayo. Wenza isono esisodwa esincane futhi uyovuna wonke ubhavu ogwele wokuwashela. Kunjalo. Kodwa, mfowethu, lokho akusho ukuthi ulahlekile. Kunjalo impela. UAbrahama wavuna khona impela ayekutshalile. Kunjalo. Kodwa wayesalokhu esindisiwe.

⁴¹⁹ Isivumelwano uNkulunkulu asenza noIsrayeli: balahlekelwa yifa labo, balahlekelwa yizwe elithenjisiweyo futhi behlela eGibhithe, kodwa babengalahlekelwe yisivumelwano sabo. UNkulunkulu wathi, “Ngiyasikhumbula isithembiso saMi kuAbrahama. Ngiyakhumbula, futhi Ngehlile ukuba ngikhulule abantu baMi. Yehlela lapho, Mose, futhi utshele uFaro, Ngithe, ‘Vumela abantu baMi bahambe.’ Ngiyakhumbula Ngenza isithembiso kuAbrahama nasenzalweni yakhe.”

⁴²⁰ Yileyo nto efanayo nathi. Ngakho uma ufile, nokuphila kwakho kufihliwe kuNkulunkulu, ngoKristu, akukho lutho ezweni olungakuthinta. Manje, ungahle uhambe futhi wenze okungalungile, kodwa uma wena ngempela, ngeqiniso, ungumntwana kaNkulunkulu, futhi uyabona ukuthi wenze iphutha, uyovuka uphinde uzame futhi. Kunjalo, futhi awuyikulala lapho.

⁴²¹ Kodwa uma unobugwala, uma ungugudluthukela, uma kungekho “ukusukuma” kuwe, uyothi, “A, awu, bekungekho lutho kuKho, empeleni.”

⁴²² UMBuso kaNkulunkulu ufaniswa nomuntu owathatha inetha wayeseya olwandle, wayiphosa phakathi. Lapho efika, wayenezimfudu zazolwandle, amaxoxo, izinyoka, izibankwa, izilwembu, nezinhlanzi. Lelo yiVangeli uma Lishunyayelwa.

⁴²³ NjengeNkosi iyotshela umfundisi, njengoMfowethu Graham, “Yenyukela *lapha*. “Yiya *kulelikhona* bese udoba kancane, Mfowethu Graham.” Kulungile, athathe inetha lakhe bese enyukela lapho bese eqala ukukhukhula.

“Uyaphi, Mfowethu Bill na?”

“Ngiphumela kwenye indawo, bese ngiphonsa *kulelikhona*.”

⁴²⁴ Ngiyadonsa, “Nampo, Nkosi, Uyabazi ukuthi bayini.” Ngidonsa inetha futhi, “Kulungile, nampa, Nkosi.”

⁴²⁵ Manje, ufudu lwasolwandle lwaluwufudu lwasolwandle, kwasekuqaleni. Uthole ukubanjwa nje enethini. Kunjalo. Futhi yingaleyondlela abantu abathola ukubanjwa ngayo edlingozini, “O Haleluya! Haleluya! Ayidunyiswe iNkosi. Udumo kuNkulunkulu. Haleluya!” Bathole ukubanjwa nje enethini, yilokho kuphela.

⁴²⁶ Uma lowomoya omdala woFudu lwasolwandle ukubo, akuzukuba yisikhathi eside, bathi, “Awu, ngiyakutshela...” Nantu luhamba, luhuquzela lubuyela emuva.

427 Inenekazi elidala eliyisiKhuphashe liyothi “Kodwa nje angikuqondi Lokho.” Niyabo?

428 Unkosazana Lwembu ahlale lapho isikhashana, uthi “xumbu, xumbu, xumbu,” emuva ngqo, “Awu, bekungekho lutho kuKho, empeleni.”

429 Unkosazana Nyoka uyothi, “O, bayisigejane sabagingqiki abangcwele. Yilokho kuphela nje okukuKho. Ngizokwehlela lapho abanomqondo ongcono khona kunalokho.” Ngani, uyinyoka ehuquzelayo, kwasekuqaleni. Inetha leVangeli livele lakubamba nje, yilokho kuphela.

430 Kodwa inhlanzi iyiswa etafuleni leNkosi. Yayiyinhlanzi, kwasekuqaleni. INzalo yayo yayiyinhlanzi. Yaqala, iyinhlanzi, noNkulunkulu wayeyazi inhlanzi yaKhe kusukela ekusekelweni komhlaba. Haleluya!

431 Khumbula, bonke baphefumula amanzi afanayo anodaka phandle lapho. Bonke baphefumula emfudlaneni ofanayo. Kunjalo. “Sonke senziwe. . . siphuza eDwaleni lomoya elifanayo. Bonke badla imana ehlane.” UKalebi noJoshuwa badla imana efanayo bonke a—abanye abayidlayo. Futhi bonke bawa ehlane. Kodwa kwakukhona ababili abakhethelwe ukuwela, futhi bawela. Kunjalo.

432 “Sonke senziwe ukuba siphuze eMthonjeni ofanayo.” Kodwa akusuye wonke lowo ophuzayo osindisiwe. Sonke senziwe ukuba simemeze kanye kanye. Sonke senziwe ukuba sijabule kanyekanye. Kodwa oKhethiweyo usindisiwe. Nikuqaphelile na? Kwathi, “Imimoya emibili, ngezinsuku zokugcina, iyosondelana kakhulu iyoze idukise nabaKhethiweyo uma kungenzeka,” *uma kungenzeka*. Niyabo? Lowo nguMoya wangempela kaNkulunkulu, bakhethelwe ukuPhila okuPhakade.

433 Manje sesiyavala. Manje—ke uMfowethu Neville uyocosha lapho engishiya khona lapha. Kulungile.

Kepha ngisho lokhu, ukuthi isivumelwano, esaqiniswa nguNkulunkulu ngaphambili kuKristu, umthetho, owavela emva konyaka engamakhulu amane, emva kweminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu, awusesuli, uze usichithe isithembiso.

Leso yisithembiso uNkulunkulu asinika uAbrahama, ngaphambi kokuba umthetho uze ubekhona.

Ngokuba uma i. . . ngokuba uma ifa likhona ngomthetho, alikho ngesithembiso: kepha uNkulunkuu umnikile lona uAbrahama ngesithembiso.

Asingalutho olwenzayo, asikho ngamithetho, noma yimiphi imithetho yesonto lakho, ngokujoyina isonto, kumbe noma yimuphi omunye umthetho. Ngumusa ngokoqobo isenzo sikaNkulunkulu, kuwe. Nakho lapho okhona.

434 Bhekisisani.

Pho umthetho uyini na? Wenezelwa ngenxa yesiphambeko kuze kufike inzalo enikiwe isithembiso; . . .

Lokho akucacile yini nje njengekhala ebusweni bami na? “Wenezelwa, ukuba usebenze kwaze kwafika iNzalo, eyayinguKristu, Owanikwa isithembiso.”

. . . umisiwe ngezingelosi nangesandla somlamuleli.

Manje umlamuleli kasiye umlamuleli owomunye, kepha uNkulunkulu munye.

⁴³⁵ Manje, ngiyashiya kusukela khona lapha, ngiqala khona lapho ngenzele uMfowethu Neville, okwalolu uLwesithathu oluzayo.

⁴³⁶ Manje niyakuqonda esikushilo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ukuthi akunakwenzeka uqobo ukuba umKristu ozelwe ngokusha a . . . Angiqondile, manje ukuthi, uzibiza yena uqobo ngo, “zelwe ngokusha.” Ngiqonde, owangempela, umKristu ozelwe ngokusha, ukuba ake aze awe emseni, angekwenze. Angawa, kunjalo, kodwa angeke, neze, aphume kulowomusa.

UAbrahama wawa emseni. Impela, wawa. UNkulunkulu wantshela ukuba a “hlale lapho.” Waphuma kuyo, kodwa akazange alahlekelwe yisivumelwano sakhe. Wayesalokhu engokhethwe nguNkulunkulu. Wayengumprofethi ehlezi lapho. Wayelokhu enguye njalo. Uyohlala njalo engokaNkulunkulu.

⁴³⁷ Manje qaphelani. IBhayibheli lasho, ukuthi, “Wonke uIsrayeli uyakusindiswa.” Bangaki okwaziyo lokho na? IBhayibheli lathi, “Wonke uIsrayel uyakusindiswa.” Manje, “UIsrayeli akasuye uIsrayeli owongokwenyama, kodwa uIsrayeli woMoya, ngokuba iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.” Ngabe yilokho iBhayibheli elakushoyo, lona impela ivesi elandelayo na? KwabaseGalathiya. Kulungile. “Wonke uIsrayeli uyakusindiswa. Wonke usindisiwe.” Siba kanjani nguIsrayeli na? “Ngokuba ngabafileyo kuKristu, sithatha iNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso.”

⁴³⁸ UPawulu wathi, “Lokho okungaphandle akusilo iJuda, kodwa lokho okungaphakathi, yiJuda, Abathenjisiweyo.” Futhi siyiNzalo ka-Abrahama, ngesithembiso, ngoKristu, saMemukela njengoMsindisi oqondene nathi.

⁴³⁹ O, ngethemba ukuthi niyakubona. Ngethemba ukuthi niyakuthola, uma ningahlala naKho isikhashanyana. Manje ngale phakathi lapha siqeda lokhu, bese-ke siqala ngoMelkisedeki, okubuyisela ngqo kulokhu futhi. Siqala ngqo ngale e . . . O, nje Ku, yonke into iyamangalisa. Kodwa silokhu siqhubeka nokungena kulezonto engukhilimu.

440 Manje, niyabo, uma nithathe Lokhu lapha, kubukeka sengathi, uma beningaKufunda nje ngasekukuhloleni... Njengokamthathu emunye wokuqina impela, okholwa ukuthi kunoNkulunkulu abathathu, wake wangitshela, ukuthi, “UMathewu 3 ngokoqobo wamemezela ukuthi kwakunabathathu, Abantu abathathu abehlukene ebuNkulunkulwini.”

441 Ngathi, “Ngifanele ngikubone.”

442 Wathi, “Bhekisisa.” Kumiwe kulo lelipulpiti, wathi, “Buka lapha, uMathewu 3.” Wathi, “Ngenkathi uJesu ephuma masinyane emanzini, bheka, amazulu aMvulekela. Futhi Wabona uMoya kaNkulunkulu njengejuba. NePhimbo elivela eZulwini lithi, ‘Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ngayo.’ Futhi kwakukhona abathathu: iNdodana ogwini; uMoya oNgcwele phakathi nendawo; noYise phezulu ngaphezulu.”

Ngathi, “Mfowethu, umBhalo awufundeki *kanjalo*.”

“O, yebo, uyafundeka.”

Ngathi, “Manje Ufunde futhi, bese uthola ukuthi Ufundeka *kanjalo* yini.”

443 Manje, nasi isithombe sakhe. *Nangu* uNkulunkulu, iNdodana; *nango* uNkulunkulu, uYise; *nangu* uNkulunkulu, uMoya oNgcwele, njengejuba. Manje bhekisisa. IBhayibheli lathi, ngenkathi uJesu ebhaphathizwa, “iNdodana yaphuma masinyane emanzini, bheka, amazulu ngaphezu kwaYo avuleka. Futhi iPhimbo lisho nge...Yabona uMoya kaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu, njengejuba.” Hhayi omunye uMuntu phezulu *lapho*, kodwa uMoya kaNkulunkulu wawuyiJuba owawungaphezu kwaYo. NePhimbo lifika, lithi, “Lo uyiNdodana yaMi, eNgithokozile ukuhlala kuye.” Manje funda uMathewu 3 futhi ubone ukuthi Alikusho yini lokho. Niyabo? Hhayi abantu abathathu, lutho nhlobo.

444 Futhi yingakho. Lokhu akusho ukuthi akunakwenzeka ukuba umuntu aze abuyele emuva, uma ehlobuka. Akusho lokho. Akusho lokho. Kuthi, “Akunakwenzeka ukuba umuntu ukuba aze abuyele emuva ukuba azivuse yena, emva kokuba eseke waba *lapho*.” Angekwenze.

445 IBhayibheli lathi, “Ozelwe nguNkulunkulu, akoni, ngokuba akanakona. Ngokuba imbewu kaNkulunkulu ihlala kuye, futhi akanakona.” Ngingabizwa kanjani ngesoni, kube kukhona umhlatshele obekwe *lapho* ukuthatha indawo yami na? Ngingafa kanjani, ngibe sengikhokhelwe ukufa na? Ngingafa kanjani, ngibe nginokuPhila okuPhakade na? Ngingakwenza kanjani na? Ungeke ukwenze.

446 Ngingaba kanjani nemvume ebhaliwe evela kwimeya yalelidolobha, ukuba ngigijime amamayela angamashumi ayisithupha ngehora ngidabula kulelidolobha, futhi noma

ysisiphi isikhulu singibopha ngokugijima amamayela angamashumi ayisithupha ngehora na? Ungakwenza kanjani na? Nginemvume evela kwimeya ethi ngingakwenza. Singeke sangibopha. Ukuphumula kwaso—kwaso... Singashaya izimpempe nakho konke okunye, futhi bengingavele ngikushaye indiva nje. Akusho lutho; nginemvume.

⁴⁴⁷ Futhi ngingakwenza kanjani, ke, njengokuthi emva kokuba uKristu esengifele futhi ngiba ngukulunga kwaKhe ngenxa yomusa waKhe nothando kimi na? Ngingona kanjani, kube kukhona into ebekwe phakathi kwami noNkulunkulu, umhlatshelo na? Ngingeke ngona. Ngeke ngakwenza. UNkulunkulu akangiboni neze; Ubona uKristu. Uma endaweni yami. Futhi uma ngenza noma yini engalungile, uKristu uthatha indawo yami. Ngenze ukuvuma kwami, “Nginephutha. Yena uqinisile. Nkosi, Uyayazi inhliziyoyami. Uyazi ukuthi ngabe ngikusho ngempela noma qha. Futhi nginephutha. Ngithethelele.” UNkulunkulu akakuboni neze. IGazi likaJesu lalingisibekele, ngaso sonke isikhathi. Manje—ke uNkulunkulu angake angibone kanjani na? Singaba—balelwa kanjani isono kimi, abe Engeke akwenza na? Ngithi ngingakwenza nje, sekuthethelelwe. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Kunjalo.

⁴⁴⁸ Kufana nje nokuthatha i—isiconsisi esincane *kanje*, isiconsisi esincane seso, bese usithatha sigcwele uyinki omnyama bese usiphakamisa phezu komgqomo wejikhi, bese nje uwuconsisela phakathi lapho, bese—ke uzama nje ukuphinde uwuthole futhi. Uvele nje uphenduke isisusamabala iblishi. Uyinki uba yisisusamabala iblishi. Futhi yilokho oku, izono zakho ezivunyiwe, uma ukuKristu. Phakathi kwakho noNkulunkulu ngumgqomo wonke wesisusamabala iblishi, nesono sakho siba ngukulunga ngoba uMhlatshelo wokulunga ulindele wena lapho.

Uma ngifika emfuleni ekupheleni kosuku,
Nemimoya yokucina yosizi isivunguzile;
Munye umcabango ongithokozisayo nowenza
inhliziyoyami ijabule,
Angiyikuliwela iJordani ngingedwa.

⁴⁴⁹ Yileyonto eyodwa enhle. Yileyonto eyodwa enhle. Angiyikuliwela. Ngolunye lwalezizinsuku, sehlela ekupheleni komgwaqo. Ilanga liyokwala ukukhanya, khona—ke uNkulunkulu uyobiza.

⁴⁵⁰ UAdamu uyokwelula isandla bese enyakazisa uEva, bese ethi, “S’thandwa, nakhu. Sekuyisikhathi sokuvuka.”

⁴⁵¹ UEva uyokwelula isandla bese ebamba uAbela, athi, “Phuma, s’thandwa. Sekuyisikhathi sokuvuka.” UAbela uyobamba uSeti. NoSeti uyobamba uNowa. UNowa abambe u...O, kwehle njalo, kwehlele kuAbrahama, futhi kwehle

lapho beza. Kuyoba nokukhulu ukushukuma nokuvuka lapho iNdodana kaNkulunkulu ifika. Siyoma sifana naYo ngalolosuku.

⁴⁵² Manje, uma wenza isono lapha, uzokhokha ngaso. Ngi . . .

⁴⁵³ Kulokhu kufika nje emqondweni wami, ngifanele ngikusho nje. Ngizamile ukukucima, kane noma kahlanu. Ngifanele ngikusho. Bangaki okhumbula lomfowethu, umelusi, owayevame ukuba ngapha kwichurch of God na? Umfowethu, khona enhla lapha, kwakungubani igama lakhe na? Wayesebenzela uVorgang ezansi lapho. O, nonke ni . . . Ichurch of God yokuQala, khona lapha ekhoneni. Noma, wayevame ukuthengisa kwaRawleigh ngesikhathi so—sokuntuleka kwezinto zonke. Emesabayo ngempela uNkulunkulu, indoda enobungwele. UMfowethu Smith wathatha indawo yayo enhla lapho. Ngizombiza ngegama emizuzwini embalwa. Yayiyindoda esindisiwe.

⁴⁵⁴ Khumbula, uma ungangahambi ngokuqondiswa, futhi wenza into engalungile njengomKristu, uNkulunkulu uyokwexwayisa. Bese kuthi—ke uma ungasithathi isexwayiso, Uyovele nje akususe ngqo emhlabeni. Yilokho Akwenzile.

⁴⁵⁵ Niyakhumbula, eBhayibhelini na? Bukani lelobandla laseKorinte. Wabatshela ababeyikho, ngendawo eyiyonayona, kuKristu. Kodwa wabexwayisa ngalokho okwakuzokwenzeka. Futhi baziqondisa bona, bathola ukuqondiswa, noNkulunkulu.

⁴⁵⁶ Nalomfowethu omncane, wayengumfowethu omncane oyisimangaliso, ngiyakholwa, indoda esindisiwe nguNkulunkulu. Futhi wayitholela umsebenzi ezansi lapha e . . . kwaVorgang. Uma abanye babantu bakubo ehlezi lapha, ngiyethemba anicabangi ukuthi ngi . . . Angikwazi uma uhlezi lapha. Kodwa, uRamsey, uMfowethu Ramsey, bangaki abamkhumbulayo uRamsey enhla lapha kwichurch of God na? Impela, niyamazi, indoda encane eyisimangaliso. Futhi wayevame ukuza endlini yami futhi sixoxe ndawonye, futhi sasihlala lapho futhi sikhale izinyembezi futhi sibambane ngezandla; umKristu wangempela.

⁴⁵⁷ Ngolunye usuku ngahamba ngayongena kuyo ezansi lapho, nje ngivela phesheya kwezilwandle emhlanganweni, ngangizosheka imoto yami, uMfowethu Ramsey wathi, “Ngingakwenzelani, Billy?”

⁴⁵⁸ Ngathi, “Isheke, Mfowethu Ramsey. Ushintshe amafutha.”

⁴⁵⁹ “Okeyi,” wathi, “kulungile, kuhle kakhulu.” Wathi, “Ubenomhlangano omuhle?”

⁴⁶⁰ Ngathi, “O, Mfowethu Ramsey, ubumangalisa.” Ngathi, “Ngifisa sengathi ubungahamba nami ngesinye isikhathi. Awuhambi ngani nami na?”

Wathi, “Angisayikhonzi iNkosi, Billy.”

Ngaqalaza, ngathi, “Utheni?”

461 Wavele nje wathi ukuthi, “AngisaYikhonzi,” wasuka wahamba.

462 Ngacabanga, “O, uyaqhubeka nje.” Ngaqhubeka, ngaya ndawondawo.

463 Ngibuya ngangena emotweni yami. Ngenyukela ekhaya. Ngiqala ukucabanga ngalokho, “Angisayikhonzi iNkosi.”

464 INkosi yakufaka enhliziyweni yami ukuba ngibuyele emuva ngiphinde ngimbuze futhi. Ngakho, ngathi, “Meda, bamba isikaniso nje.”

465 Ngase ngingena, ngase ngingena emotweni yami ngase ngehla ngibuyela emuva, ngama futhi, ngayongena kwaVorgang. Ngathi, “Mfowethu Ramsey, ngifuna ukukubuza umbuzo.”

Wathi, “Kulungile, Billy, kuyini na?”

Ngathi, “Uthe, esikhashaneni esedlule, awusayikhonzi iNkosi. Ubungincokolisa, ubungangincokolisi na?”

Wathi, “Qhabo.”

Ngathi, “Mfowethu Ramsey, a—awuqonde khona lokho.”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “AwuYithandi na?”

Wathi, “Ukuba bengiYithanda, bengizoYikhonza. Bengegeke, Billy na?” wasuka wahamba.

Ngacabanga. “Awusho, Mfowethu Ramsey!”

Wathi, “Angisafuni ukubuye ngikhulume ngakho.”

466 Ngaya ekhaya, ngangena ekamelweni, ngavala umnyango. Futhi, o, uyazi ukuthi ngempela uzizwa unzima kanjani, sengathi wephuce ingane amagwinya noma into ethize, uyazi. Nga—ngacabanga, “Ini na? Kungeke kwenzeke. Impela kukhona okwenzeke kuMfowethu Ramsey.”

467 Futhi kunomfanyana wekhaladi, othiwa nguJimmy, uza lapha ebandleni. Unomlenze owodwa, niyazi; uyaqhuga, uhlobo olunjalo. Ngiyalikhohlwa igama lakhe, usebenza ezansi lapho kwaVorgang, uphethe ukuhlakazwa kwezimoto kuthengiswe izipele. Wahlangana nami, wayesethi, “Uyazi, Mfu. Branham,” wathi, “Angazi ngalokhu lapha uDr. Ramsey ngapha.” Wathi, “Ngamtshela, ngoluny’usuku, wathi, ‘Sonke sasinovale ngisho lokuvula umlomo wethu ngapha.’ Wathi, ‘Wawuyindoda emesabayo uNkulunkulu.’ Kodwa,” wathi, “Wathatha ilayesense yakhe yokuba ngumshumayeli wayesewelela kubhaskidi wayesewadabula ewahlukanisa, wayesewaphosa kubhaskidi, wathi, ‘Angisafuni kuzihlanganisa ngalutho nayo.’”

Wathi, “Heyi, mnumzane!” Wathi, “Ubungafanele ukwenza lokho.”

Wathi, “O, Jim, sengiqedile ukukhonza iNkosi.”

Ngakho waqhubeka, wathi, “Awukuqondile lokho.”

468 Wayesethi, “Wayesengitshela, wathi uza ezansi ukuba azolola amavalvu akhe, ngoSuku lwabaSebenzi,” Ngikholwa ukuthi kwakuyilo. “Wayesethi, ‘Manje, ngifuna uze uzongisiza, Jim.’”

469 Wathi, “Ngizokusiza emva kokuba sengibuya enkonzweni, kodwa kuqala ngiya enkonzweni.”

470 Wathi wabuyela emuva wehla, “Futhi uMnu. Ramsey wayelola amavalvu emotweni yakhe. Wathi, ‘Jimmy, awuthi shelele phezu komfula. Izinkantini ivaliwe lapha. Awuthi shelele weqe umfula bese unghengela ikesi likabhiya.’”

471 Wathi, “Mnu. Ramsey, ngibenecala lezinto eziningi, kodwa angisoze ngaba necala lokuthengela inceku yeNkosi ikesi likabhiya.” Wathi, “Qhabo, mnumzane. Angisoze ngakwenza lokho.”

472 Wayesethi, “Awu, qhubeka. Ulithenge, Jim.”

473 Wathi, “Mnu. Ramsey, ngilola amavalvu akho. Kodwa uma uthenga ubhiya, hamba uzithengele wena.” Wathi, “Angizukuyithengela neze inceku yeNkosi noma yini efana naleyo.”

474 Ngakho uRamsey wagxumela emotweni kaJimmy, washo wawela umfula; uyabuya, esedakwe uhhafu, nekesi likabhiya, eliphuza.

475 Waqala ukwehla, wayesegula. Niyabo? UNkulunkulu akabange esakhuluma kuye. Ngamexwayisa, ngenze konke engangingakwenza. UMfowethu Smith waya kuye wayesemexwayisa. Wonke umuntu wazama ukwenza yonke into ababengamenzela yona. Noma kunjalo, wavele wanikina ikhanda lakhe. Kwenzekani na? Wangenwa ngukugula wayesefa. Lokho kwakhombisa ukuthi wayeyindoda esindisiwe. Uma uNkulunkulu wayengenakumenza...amlethe ekulaleleni, Uyodingeka amsuse emhlabeni futhi amlethe eKhaya. Yilokho impela iBhayibheli elakushoyo. Yilokho iBhayibheli elikuthembisayo. Uma ungenakukumela ukuqondiswa, uzofanele uze eKhaya.

476 Ngakho uNkulunkulu angeke alahlekelwa nguwe emva kokuba Esekusindisile, kodwa Angafinyeza izinsuku zakho lapha, futhi akwenze ukhokhe ngazo zonke izono ozenzile. Ngakho, uma wona, uzofanele ukhokhe ngalokho okwenzile. Kukhumbule nje lokho.

477 Manje, manje iNkosi ibe nani. Ngiyakholwa, kulobubusuku, ukuthi uMfowethu Ramsey wayesindisiwe. Ngokoqobo, ngiyakholwa. Kodwa nje wayengamlaleli uNkulunkulu, futhi ngenkathi engamlaleli uNkulunkulu, uNkulunkulu wadingeka amlethe ekhaya. Yileyonto kuphela yokwenziwa, ngoba, kwakuyini na? “Wayezoletsa ihlazo nechilo eGazini angcweliswa ngalo.” Kunjalo na? “Futhi ethi isivumelwano

siyinto engengcwele,” uma lokho kungesikho impela lencwadi iletha yamaHeberu eyakusho. Niyabo? Kwakungenakwenzeka kuye ukuba alahleke, kodwa wayezoletha ihlazo nechilo, ngakho uNkulunkulu wadingeka amsuse emhlabeni futhi amlethe eKhaya. Yilokho impela okwakwenzekile.

Manje iNkosi ayibusise, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

⁴⁷⁸ Manje, Baba ongcwele kakhulu nonomusa, impela siyaKubonga ngesithembiso esinaso, ukuthi Awusoze wasishiya noma usiyekele. Uthembise ukuthi Uyohamba nathi ekuphileni, nasekufeni Uyoba seduze kwethu. Wasethembisa ukuthi sasinokuPhila okuPhakade. Wasipha Khona ngesihle. Asisoze salahlekelwa yiKho. “Wonke oza kiMi, unokuPhila okuPhakade.” Futhi uma kungukuPhila okuPhakade, Akunakuphela, futhi Wethembisa ukusivusa ngomuhla wokuphela. Kulokhu sibonga kakhulu. Siyabonga ukuthi iZwi laKho lisifundisa lokhu. Lisinika ithemba eliqinisekileyo. Lisenza sazi ukuthi uBaba wethu uluThando. Uyasithanda, futhi Wasikhetha. Wena wathi, “AniNgikhethanga, kodwa Nginikhethile futhi nganimisela.” Futhi ngiyaKubonga, Baba, ukuthi Wenze kanjalo. Nabaningi bahlezi lapha, kulobubusuku, nomiselwe ukuPhila okuPhakade, futhi wemukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nabo. Nezithelo zikaMoya zilandela impilo yabo: ububele, ubumnene, ukuzithoba, uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi. Siyabonga ngalabo.

⁴⁷⁹ Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi uma kubakhona abanye phakathi lapha, kulobubusuku, ongenazo lezozithelo ukubaphelekezela, kodwa baphumule phezu kokunye okufekethisiwe, ngoba bathole ukusetshenzwa, ngolunye usuku, ngoba bathole ukuba namadlingozi, bazizwe bekahle, bangahle ukuba bamemezile, bangahle ukuba benze izinto eziningi. Kodwa, Baba, uma bengenaso isithelo sikaMoya, esibagcina usuku nosuku besothandweni lwanjalonjalo, bethethelela izitha zabo, belungisa amaphutha abo, futhi bephila ngokuthula nangokuthanda, futhi benomoya omnandi nomusa komunye nomunye, nentshisekelo yeBandla, uthando lukaKristu nolwabantwana baKhe, O Nkulunkulu waPhakade, bathethelele. Nakuba bengamalunga ebandla, amalunga omzimba wasemhlabeni, kwangathi bangahamba manje futhi bayibeke eceleni leyo yenyama, imisebenzi efile, futhi bajonge ekupheleleni. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi bangeza kuLowo opheleleyo futhi baMemukele njengenhlawulo yezono zabo, ukuze Ame njengomhlatshelo ophelele wowedisela onecala nowesifazane onecala. Futhi abaphe umusa waKhe wothando nokuthula, baze bangene eBukhoneni bukaNkulunkulu ukuba baphile kuze kube-phakade. Siphe khona, Baba.

Sisakhothamisa amakhanda ethu:

480 Uma ebakhona oyedwa onjalo ongathanda ukushintshanisa impilo yenyama yezimiso, zemibhaphathizo, zamadlingozi, zezinto ezincane zenyama ezinjalo, ngenhliziyo yangempela egcwele uthando lwangempela, ukuthi—ukuthi ubungenyukela esitheni sakho esibaba kunazo zonke, usigaxe bese uthi, “Mfowethu, ngizokukhulekela. Ngiyakuthanda.” Uma ungathanda ukushintshanisa ngalesosehlakalo sezinto zenyama ngesehlakalo sangempela sothando, ungasiphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu na? Futhi uthi, “Nkulunkulu, ngithathe kulobubusuku, futhi ungenze ngibe yilokho engifanele ukuba yikho.” Ngizokukhulekela, kulo lelipulpiti lapha. Ungawufisa umkhuleko na? Phakamisani izandla zenu.

481 UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Omunye futhi na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. “Sekuyiminyaka ngisesontweni.” UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise lapha, mfowethu. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, nenekazi elincane. “Ngizocela uNkulunkulu ukuba angenze ngibe nokuthula.” Uya... Ngabe udlanga ngempela na? Ngabe uvela kulezozinhlobo na? Ngabe uyangabaza na? Ngabe uya le na le na? Ngabe uyamangala ukuthi ngabe Kuqinisile ngempela noma qha na? Uma uza kuKristu, ngabe uza ngesiqiniseko esigcwele, inhliziyo egcwele uthando na? Ngabe wenyukela kuYe ungenakho nokukodwa ukwesaba, uthi, “Ngiyazi UnguBaba wami?”

482 Futhi akusekho ukulahlwa, wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Niyakwazi. Futhi uyakuqaphela ukuphila kwakho: ungothandayo, uyathethelela, unobubele, unokuthula, unobumnene. Zonke lezizithelo zikaMoya ziphelekezela impilo yakho, usuku nosuku. Futhi uthi nje ungenza noma yiyiphi into engalungile, “O, he.” Kuthi nje kungafika emqondweni wakho, “wenze okungalungile,” masinyane ukulungise, ngaso lesosikhathi. Ungalindi omunye umzuzu, hamba ngaso lesosikhathi futhi ukulungise. Uma ungalungisi, awu, awunawo uMoya kaKristu. Ungaba ngowesifazane olungileyo, ungaba ngowesilisa olungileyo, ungaba ngowaziwayo esontweni, ungaba ngowaziwayo komakhelwane, kodwa uke waqhubekelela yini kolokho kuphelela, kuleyondawo ukuya lapho omethemba khona ngakho konke uKristu na? Futhi ngalokhu, ukunika uphawu. “UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga. Manje—ke uNkulunkulu umnika uphawu lokusokwa, njengokuqinisa.”

483 Manje wena uthi, “Ngikholwa nguNkulunkulu. Ngenza ukuvuma.” Kodwa ngabe uNkulunkulu ukunika uphawu lukaMoya oNgcwele, emuva empilweni yakho, yothando, ukujabula, izithelo zikaMoya, ukufakazisa ukuthi usindisiwe na? Uma Engakwenzanga lokho, khona—ke aKakakuvumi ukukholwa kwakho. Usanda kwenza ukuvuma nje.

Akakakwemukeli, kukhona okungalungiile. Ungathanda ukuMemukela, ke na? Phakamisa isandla sakhona, uma ekhona omunye futhi, ngaphambi kokuba sikhuleke.

⁴⁸⁴ UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, futhi. UNkulunkulu akubusise. Kulungile. Omunye futhi, ngaphambi nje kokuba sikhuleke na? Kulungile. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, dade. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Nakho-ke. Ezinye eziyishumi, izandla eziyishumi nanhlanu siphakamile.

Manje asikhuleke.

⁴⁸⁵ Nkosi ebusisiweyo, esihlalweni sabo, bathola ialtare. Lisesihlalweni sabo, lapho abahlezi khona manje, Okhulume ezinhliziyweni sabo, ukuthi aba “lungile.” Lisezihlalweni sabo ukuthi Ufake isifiso enhliziyweni yabo, ukuthi ba “langazelele ukufana kakhulu noJesu.”

⁴⁸⁶ Bafuna impilo yabo ishintshwe. Bafuna ukuba mnene nokuthoba. Bafuna ukuba nobubele futhi bagcwale ukukhuthazela. Bafuna ukuba nokubekezela, ukuzibamba. Bafuna ukufana kakhulu namaKristu, bafane kakhulu noKristu, liyoze lithi izwe, lapho behla ngomgwaqo, “Leyondoda ingumKristu ngempela. Lowo wesifazane ungumKristu ngempela. O, bangabanobubele kakhulu, bamnene kunabo bonke, abantu abanomoya omnandi kunabo bonke!”

⁴⁸⁷ Siphe khona, Nkosi, ukuthi bazosemukela lesosehlakalo, kulobubusuku. Futhi kwangathi bangephumule neze phezu kwekhona lesonto labo, phezu kokungeniswa kwabo enhlanganweni nanoma yiliphi isonto, noma yiliphi ihlelo; kumbe hhayi naphezu kwanoma yimaphi amadlingozi abo, phezu kwanoma yikuphi okufekethisiweyo, njengokuba namadlingozi nje, into eyenzekile; bangahle ukuba bamemezile, bakhuluma ngezilimi, noma enye into.

⁴⁸⁸ O Nkulunkulu oPhakade, mabangazami ukwethemba ukungena eZulwani kulokho, ngokuba sikubonile izikhathi eziningi kakhulu kwehluleka kalusizi. Futhi Wena wathi kuyokwehluleka, “Noma ngabe kuyizilimi, luyakukhawuka! Lapho kunokuprofetha, kuyoshabalala. Lapho kunokwazi, kuyoshabalala. O, zonke lezizinto, noma ngisho neziphiwo, izimangaliso zokuphilisa, ziyakuqedwa zonke. Kuphela lolothando lobuNkulunkulu luyohlala njalo.”

⁴⁸⁹ Nkulunkulu, dala lokho enhliziyweni yabo, futhi mabazi ukuthi lokho kunguMoya oveza izithelo. Kwenze njengamanje, Nkosi, sisalindele Wena, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

⁴⁹⁰ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Amabhola omlilo endiza, nokubona amahobhe eya emuva naphambili endlini, ukubona uKristu engena nameva ezandleni zaKhe,

nakweyaKhe...O, benazi yini ukuthi lokho ngokuhlelwe ngumphikristu na? Wathi, “Nxa lezizinto ziqala ukufezeke, khona-ke bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze.” Khona-ke yingalesosizathu ngithanda ukujonga wonke umzuzu engingawuthola ukuya enkonzweni, futhi nginiqinise. UMfowethu Neville angahle angabi nathi njalo. Ngimkholwa uMfowethu Neville engolungile, uthisha weVangeli ophilileyo. Asazi ukuthi yini eyozongolozela ingene kulelipulpi, futhi, uma ifika lapha, “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi.” Hlalani naleloZwi. Ningalokothi nilishiye leloZwi. Hlalani naLo ngqo. Yimani niqine enkululekweni lapho uKristu enenze nakhululeka. Ningaboshelwa kuwo onke lawomajoka obugqili kanjalonjalo. Yimani niqine, futhi nime nikhululekile. UNkulunkulu uzonibusisa. Asinalutho ezweni lokuba sesabe.

⁴⁹¹ Uhlala njalo umangala. Ngigaphela abantu bezela ukuzokhulekelwa, bazozisondezela emgqeni. Ngokulandelayo babona umkhankaso wokuphilisa, bayohamba bangene kulomugqa, bayohamba bangene kulomugqa. Angibagxeki. Bazama ukuthola ukukhululeka, kodwa bahamba ngendlela engesiyo. Nikwenza ngokuphambanisa, uNkulunkulu athi ningakwenzi. Niyabo? Uma nenyukela ngesibindi esiHlalweni sobukhosi somusa, futhi nikholve, ukuthi, “Nicilile, niyakuphiwa.” Hlalani naLo. Yileyondlela okwenziwa ngayo; hhayi nje ukudledlezela nisuka emishini niya emishini, nisuka esontweni niya esontweni, nisuka emkhankasweni niya emkhankasweni.

⁴⁹² Ngani, benza lemikhankaso yokuphilisa njengesixheke sombhedo. Impela, bayenzile. Sekuphenduke kwaba sendaweni lapho khona, abantu abanobuhlakani, bayaqalaza futhi bayamangala ukuthi konke kumayelana nani. Lapho, uNkulunkulu akazifuni lezozinto. Ukuphilisa akudingi ukuba kube semikhankasweni. Ukuphilisa kufanele kube kuwo onke amabandla endawo, zonke leziziphiwo zisebenza. Kodwa ningahambi nibe yize kuleziziphiwo. Ningasinaki isiphiwo. Uma uNkulunkulu efuna ukunisebenzisela into ethize, Uyokwenza. Kodwa, bhekani uMnikezeli.

⁴⁹³ UMartin Luther, kwathi emva kokuba esekhulume ngezilimi, wabuzwa ukuthi wayengakushumayeli ngani, wathi, “Ukuba bengishumeyele lokho, abantu bakithi bayolandela isiphiwo esikhundleni soMnikezeli.” Kunjalo.

⁴⁹⁴ UMoody, ngesinye isikhathi, ekhuluma, futhi uqala, ngenkathi eshumayela kakhulu ephansi kokuphefumulelwa, wakhuluma ngezilimi. Wathi, “Nkulunkulu, ngithethelele ngokuvungama amazwi awubuwula.” Impela. Niyabo? Futhi babenalezozinto. Siyazikhulwa lezozinto, kodwa zifanele zibekwe endaweni yazo. Futhi azifanele zibekwe njengobufakazi obubonakalayo.

⁴⁹⁵ Akukho neyodwa into esele eBhayibhelini, njengo “bufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele,” kuphela yizithelo zikaMoya. Tholani noma yiyiphi indawo ukuthi uJesu washo njalo. Yebo, mnumzane. Ubufakazi obubonakalayo bukaMoya oNgcwele buyisithelo soMoya wakho. UJesu washo njalo, “Niyakubazi ngesithelo sabo.” “Nesithelo sikaMoya siluthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ukuthula, ububele, ubumnene. Nesithelo sesitha singubutha, inzondo, inhliziyho embi, umbango, kanjalonjalo; leso yisithelo sesitha.” Ngakho, ungehlulela ngendlela ophila ngayo, lapho omi khona noNkulunkulu. Uma inhliziyho yenu yonke isekuthandaneni naYe, futhi niyaMthanda futhi ninobubele, futhi niphila naYe nsuku zonke, niyazi ukuthi nedlulile ekufeni nangena ekuPhileni. Uma kungenjalo, futhi ningenywe indlela, nje nizifanisa nomKristu. Kunjalo. Okungukuthi, zonke izifaniso ziyodalulwa ngempela. Siyakhwazi lokho.

⁴⁹⁶ Ngakho, ningaluphili lolohlobo lokuphila, anidingi ukuba niluphile. Kungani ningemukela isibambiso, zibe zonke izibhakabhaka ngaphezulu zigcwele okuhle nokwangempela na? Impela. Angithathe uNkulunkulu, yilokho engikufunayo. Amen.

⁴⁹⁷ Manje, ngabe ukhona ozele ukuzokhulekelwa na? Uma uzele khona, phakamisa isandla sakho. Sibe nenkonzo yokuphilisa kulokhu ukusa. Ngiyethemba—ke...lelinenekazi lapha na? Kulungile, dade, ungeza ngaphambili—ke na? Nomfowethu, ilunga elidala, lapha, woza manje uzogcotshwa.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]
 . . . khanya kimi;
 O, khanya kimi, Nkosi, khanya kimi,
 UkuKhanya okuvela elambini lasolwandle
 makukhanye kimi.

⁴⁹⁸ Akamangalisi na? Asikhothamise amakhanda ethu nje, ngokuthula ngempela manje. Futhi, *Khanya kiMi*, futhi. Manje, wozani manje, wonke umuntu, ukuthi, “Khanya . . .” Mkhonzeni nje emphefumulweni wenu manje, niyabo, nithula. Inkonzo yokuphilisa iyeza. Umlayezo usuphelile. Asikhonze.

UkuKhanya okuvela elambini lasolwandle
 makukhanye kimi;
 O, khanya kimi, Nkosi, khanya kimi.
 UkuKhanya okuvela elambini lasolwandle
 makukhanye kimi.
 Nje ukufana noJesu, ukufana noJesu,
 O, emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
 Lonke uhambo lwempilo ukusuka emhlabeni
 kuya eNkazimulweni,

Ngicela kuphela ukufana naYe.
 Sizohamba ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle
 hle,
 Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
 ekhanya bha;
 Akhanya macala onke kithi, imini nobusuku,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe.
 Nonke nina bangcwele bokuKhanya
 memezelani,
 UJesu, ukuKhanya kwezwe,
 Khona-ke izinsimbi zaseZulwini ziyokhala,
 UJesu, ukuKhanya kwe. . .

Semukele, Nkosi, njengoba siKukhonza.

Sizohamba ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
 Kufika lapho amazolo omusa ekhanya bha;
 Kusikhanyisa macala onke emini nasebusuku,
 UJesu ukuKhanya kwezwe.

⁴⁹⁹ Awukuthandi nje lokho kukolajwa na? Uzizwa ukahle na? Phakamisa isandla sakho, usho. Kunento ethize ngalawomaculo enziwe ifeshini endala, ihubo lakudala, ngiqoka ukuba nawo kunawo onke lamaculo amasha ezwe afakwayo, nasemabandleni amaKristu. Ngiyasithanda lesosikhathi esidala, ngiyawathanda.

Jesu, ngigcine eduze nesiphambano, (He!)
 Lapho umthombo oligugu,
 Ukhululeke kubo bonke, umfudlana
 wokuphilisa,
 Ogeleza usuka emthonjeni waseKalvari.
 Esiphambanweni, esiphambanweni,
 O, yiba yinkazimulo yami njalonjalo;
 Uze uthi umphefumulo wami ohlwithiwe
 uyothola
 Ukuphumua ngaphesheya komfula.

⁵⁰⁰ Beningaphuma ezweni kalula impela uma kuculwa lelo. Beningaphuma nina na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kumangalisa kanjani! Ngabe sengikuxazulule konke na? Niyazi, ngiyajabula sengikuxazulule konke. Aninjalo na? [“Amen.”] Isikweletu esidala sesixazululiwe, kudala. NgaMtshela, “Nkosi, angifuni-nkathazo ezansi emfuleni. Ngi-ngifuna ukuqiniseka manje.” Ngifuna ukuMazi. Ngifuna ukuMazi.

⁵⁰¹ Kunomkhulu, umgodi omnyama obekwe phambi kwethu sonke. Sibheke kuleyondlela. Njalo uma inhliziyo yethu ishaya, siya ngokusondela ngokusondela. Kodwa uma sengifika lapho, angifuni ukuyobayoba njengegwala, ngifuna ukuzisonga ngezingubo zokulunga kwaKhe, ngingene kuyo, ngazi lokhu,

ukuthi, “NgiMazi emandleni okuvuka kwaKhe.” Ukuthi, uma Ebiza, ngiyophuma phakathi kwabafileyo. He!

⁵⁰² *UKhoho Lwami Lubheka Phezulu KuWe*, asilicule manje.

Ukhoho lwami lubheka phezulu kuWe,
Wena Wundlu laseKalvari,
O Msindisi waPhezulu.
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa zonke izono zami,
Ungangivumeli ngike ngiduke
Eduze kwaKho.

⁵⁰³ Manje, Thisha omkhulu, njengoba Usifundisile eZwini laKho elimangalisa kakhulu, izinhliziyi zethu nje ziyavevezela, ngomusa wokuhlwithwa, ukwazi ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni. Konke kungokulunga kweNkosi yethu uJesu, owasibizayo, futhi wasihlanza eGazini laKhe, futhi usiyise phambi kwesiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, singenaphutha, singenasici, ngokuba Wathatha izono zethu. Asinasono. “UNkulunkulu wabeka ububi bethu sonke phezu kwaKhe, futhi Walinyazwa ngeziphambeko zethu.” O, siMthanda kangaka, iWundlu elikhulu likaNkulunkulu!

⁵⁰⁴ Futhi siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha ukuphumisela, ukuzwakalisa, ukuze sitshele abanye; ukuze baMazi, nabo, futhi baMthande, ngokuba Uyabathanda. Siphe lomusa.

Futhi siyaKubonga, Baba, ngalezo zingane ezisanda kuzalwa ezisanda kungeni nje embusweni kaNkulunkulu. Kwangathi zingathola ikhaya elihle eliyibandla ndawondawo, futhi lapho ziKukhonze baze bakhululwe ngukufa kulomzimba omdala wezinhlungu ezidubanayo nokuqaqamba, futhi bayiswe phambi kwaKhe, bengenaphutha, bengenasici, emnyakeni ezayo, benokuPhila okuPhakade. Ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.



INCWADI YAMA HEBERU

Lemi Layezo eyishumi nanye ngo Mfowethu William Marriion Branham okokuqala yethulwa kusukela ngoAgasti 21 kuya kuSeptemba 22, ngo 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., ithathwe ekuqopheni kweteyipu enobuzibuthe futhi yashicilelwa ingafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2011 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org